

WAYESEFIKA-KE UJESU

FUTHI WABIZA



... kholwa.

Asime umzuzwana nje manje sisafunda iZwi leNkosi. KuJohane oNgwele, isahluko se 11, futhi siqala ngevesi le 18.

Manje iBethaniya laliseduze neJerusalema, kungaba ngamastadiyu ayishumi nanhlanu:

Abaningi kubaJuda babefikile koMarta noMariya, ukubakhuza ngomnewabo.

Futhi uMariya, ese...noma, ngakho uMarta, esezwe...uJesu uyeza, waya ukumhlangabeza: kepha uMariya wahlala endlini.

Wayesethi uMarta kuJesu, Nkosi, uma ubukhona, umnewethu...engafanga.

Kepha ngiyazi, nakalokhu, ukuthi nokuba yini ozokucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzakukunika khona.

UJesu wathi kuye, Umnewenu uzakuvuka.

UMarta wathi kuye, Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekwukeni ngosuku lokucina.

UJesu wathi kuye, Mina ngingukuvuka, no...kuphila: okholwa yimi, noma efa, wophila:

...nalowo ophila akholwe yimi kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokho na?

Wathi kuye, Yebo, Nkosi: ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, obezakuza ezweni.

Esheshilo lokho, wamuka, wabiza uMariya udadewabo ngasese, wathi, UMfundisi ukhona, uyakubiza.

2 Asikhothamise amakhanda ethu manje senzele umkhuleko.

3 Baba wethu waseZulwini, njengoba sibuthanele lapha futhi kulokhu ukuhlwa ngenhloso yokukhonza Wena, sisafunda iZwi laKho, sithatha indikimba, futhi sikholwa ukuthi Uzoletsa kithi futhi wembule ingqikithi yendikimba. Siyakhuleka, Nkosi, ngesidingo ngasinye esinaso lapha kulobubusuku.

4 Kungahle kubekhona abangaKwazi. Kwangathi bangaKuthola, kulobubusuku, njengoMsindisi wabo futhi bakwamukele kanjalo. Kwangathi bangakwazi, kulobubusuku, gokuthile okwenziwe, noma kwashiwo, okuyoletsa uKristu

abe ngowoqobo ngempela kubona. Kukhulu kakhulu, ukuthi impilo yabo yonke iyonikelwa kuYe nasenkonzweni yaKhe. SiyaKubonga ngezinto esiMbone ezenza nangethemba esinalo lokuphila ngaphesheya kwalelithunzi esiphila kulo manje. Sazi lokhu, ukuthi uma Efika siyakhulwithwa ukuba sihlangane naYe emoyeni. Futhi ngalokhu, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzolingenisa kancane kancane lelithemba, lelithemba elibusisiweyo, enhliziyweni yawowonke umuntu, kulobubusuku. Labo abebekade besendleleni isikhathi eside futhi bamelana kakhulu nezinto ezilukhuni, kwangathi, kulobubusuku, ukukholwa kwabo kuphakanyiswe. Sipe khona, Nkosi, ukuthi bazothatha ukubuka okusha, kulobubusuku, futhi baphindukuvuselela izifungo zabo bese beqala impilo entsha futhi.

⁵ Baba, sikhulekela labo abagulayo nabahluphekile. Kwangathi lobu kungaba ubusuku bokukhululwa kwabo. Abanangi, Nkosi, bebeke amaduku abo phezulu lapha eplatifomu. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ngisabeka izandla phezu kwalawa aphakathi ebhokisini. Manje, siyafundiswa, eBhayibhelini, ukuthi, “Bathatha emzimbeni kaPawulu oNgcwele amaduku nezindwangu, nomoya abangcolileyo baphuma kubantu, nezifo zaphiliswa.” Manje siyaqonda ukuthi asisiye uPawulu oNgcwele, kodwa Usalokhu unguJesu. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzophilisa wonke umuntu lamaduku abamele. Kwangathi ngamunye aphiliswe ukwenzela uDumo lwaKho.

Sihlephulele manje iSinkwa sokuPhila, eZwini, sisalinda, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁶ Kuhle ukubuyela lapha futhi kulobubusuku, nokukhonza iNkosi. Kumnandi ukubona leflo engaphansi igcwele phama, kulobubusuku, ngakho sinokubonga kakhulu ngokwethamela kwenu. Futhi kungokokuqala ukuba ngibe lapha selokhu kwathi-nhlo, ngicabanga ukuthi lokhu kuhle ngempela.

⁷ Manje, akunandaba ukuthi sikhuluma kwabangakanani, sikhuluma into efanayo. Ngike ngakhuluma esixukwini sabathathu noma abane, ngase ngikhuluma kwabayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngasikhathi sine. Izinkulungwane esingamakhulu amabili namashumi amahlanu, ngesinye isikhathi. Futhi akunandaba ukuthi kuyini, lokho uKristu akuthumela kimi, ukuba nilalele. Ngikhuluma i...Bengeyishintshe indaba yami nakanci, ukuba lesi kwakungabantu abayisigidi behleli lapha, kulobubusuku, ngokufanayo nje. Isizathu, kuphela ngitshala imbewu, futhi Ifanele iwele emhlabathini ndawo ndawo. Futhi uma leyombewu yokucina isingenisiwe, akusayikubakho lutho. Siyazi kungahle kube... .

⁸ Siyamangala ukuthi kungani imvuselelo ingaqhubeki khona manje, kungani singaboni-gqozi ngabantu. Angazi ukuthi kungani. Kodwa asicabange nje, kungathiwani uma kukanjena. Mhlawumbe kunomfanyana phakathi lapha, kulobubusuku, noma intombazanyana eyazalelwa ngale eSeattle, eWashington. Manje, leyoNcwadi iphethe igama layo. Uzela ukuzohlenga ogama lakhe lalikuleyoNcwadi. Ukuhlenga kusho uku “ukubuyisela lapho kuwe khona.” Futhi esintwini, yawa. Futhi ngeke yaKwemukela manje; isencane kakhulu. Ngakho ibandla lizongqubuzeka endleleni impela, lizenzisa, lizoba nemihlangano, nokunye nokunye, kuze kube lowomuntu wokugcina uyangeniswa, khona-ke leyoNcwadi isivaliwe, akasekho onezelwayo. Khona-ke sekuphelile.

⁹ Kuze kube, lapho ngaleyonkathi kuyokwenzeka, akekho kithi owaziyo. Kodwa asiqhubeke senze nje konke esingakwenza, odumweni lwaKhe, kuze kuba lesosikhathi sesiphelile. Asazi ukuthi lowomuntu ungubani. Kungahle ukuba usevele ungenile, silindele ukuFika kwaKhe nje. Asazi. Futhi akusoze kwembulelwa umuntu, isikhathi sokuFika kwaKhe, ngoba akwazi ngisho iziNgelozzi zaseZulwini ukuthi koba nini. Kodwa sikubhekile nganoma yisiphi isikhathi, futhi silindile, sibheke ukuFika kwaKhe.

¹⁰ Manje, ufanele ube nokukholwa entweni ethile. Akunandaba ukuthi kuyini, uzofanele ubeke ukukholwa kwakho ndawondawo. Ukukholwa kwakho, ukukholwa kwakho kungahle kube se...ebhukwini eliphenthe indaba yesifundo. Kungahle kube sesivumweni kholo sakho. Uma lokhu kungokwakho—uma lokho kungukukholwa kwakho, kusesivumweni kholo sakho, khona-ke yilapho—yilapho okulele khona ukukholwa kwakho.

¹¹ Asithi, isibonelo nje, i—ihlelo elithile, sithi, “Sinebhuku eliphethe indaba yesifundo.” Nikholwa yilokho. Awu, noma yini engaphandle kwalokho, ningeke nayikholwa, niyabo, ngoba yilokho enikholelwa kukho, yilelobhuku eliphethe indaba yesifundo lalohlalelo. Futhi kungenzeka ukuba nikholelwa entweni ethize, ningaba nokuzikhethela kwenu. Yilokho nina, singamaMelika akhululekile, siyoba yiwo.

¹² Kodwa, kimi, ukukholwa kwami kuseZwini likaNkulunkulu, lokho uNkulunkulu athe kuliQiniso. Zonke ezinye izinto ephambene naloKho, nakuba kunjalo akusikho. Niyabo? Angisho ukuthi akusilo, kodwa, kimina, uma kuphambene naLeli, akusikho. Futhi siyathola namhlanje ukuthi abantu abaningi basekela ukukholwa kwabo phezu kwento ethile, naphezu kwezimfundiso eziqhamileyo, noma okwenzekayo, noma into ethile. Kodwa, kimina, kuzofanele kube yiZwi likaNkulunkulu, futhi iZwi Alithembisele lolusuku.

¹³ Hhayi umthetho. Uthetho wawungowamaJuda, iminyaka eyadlula. Namhlanje sisemazingeni omusa, futhi si-siphila ngaphezulu komthetho. Umuntu o—ophila emseni akanamthetho. Akukho mthetho emseni.

¹⁴ Ungangilahla kanjani ngecala ngokweqa irobhithi elibomvu lapha, lapho idolobha selivele linginike ilungelo lokweqa nanoma yiliphi irobhithi elibomvu engilifisayo na? Niyabo? Ubungeke wakwenza. Akukho mthetho ozongilahla ngecala.

¹⁵ Ngakho, inqobo nje uma ngingumKristu, ngikhululekile emthethweni. Niyabo? Ngingaphezulu komthetho ngoba ngisemseni waKhe. Ubeke lokho kuzethemba kimina, ukuthi ngingeke ngenza noma yini okuliphutha, noma Ubengeke anginike lowomusa. Yilokho Akwenza kuwe ngendlela efanayo. Sisemseni waKhe.

Manje, indaba yami, kulobubusuku.

¹⁶ Ningakhohlwa kusasa ebusuku, manje. Sizozama ukuhlala nje mhlawumbe kade kancanyanya. Ngifuna ukufika lapha ngaphambi kwesikhathi kancane kusasa ebusuku, ngoba ngifuna. . . Kusasa ebusuku kuthi akube ubusuku esibunikela insindiso, ukwenza ukugcizelela ukubizelwa e-altare, ukugcizelela kulabo ukuba bamukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi ubusuku obubodwa, noma usuku olulodwa, ngaphambi kokuba ngihambe, ngithanda ukukhuluma nge. . . indaba yeGazi, *UPhawu*, iGazi elifanele libe phezu komnyango, futhi uma iNkosi ithanda.

¹⁷ Manje, kulobubusuku. Ubusuku ngabunye, ngibe leyithi ubusuku ngabunye. Ngizozama ngakho konke okwami okwedlula konke, kulobubusuku, ukuphuma ngesikhathi. Ngiyaqonda ukuthi asinaso isikhathi esiningi kakhulu esisasele, futhi ngizama ukuhlenga lesisikhathi esinaso, ngakho ngibekezeleleni. I. . . Ngizokhuleka ukuthi uNkulunkulu uzofumana wonke umphefumulo ongaphansi kwalapha, ongasindiswa, kwangathi Angawusindisa. Angazi ukuthi Ukwenza kanjani. Futhi yibhizinisi lethu ukuthumela iZwi, noma ukushumayela iZwi. Futhi makuthi. . . Imbewu. Futhi uma leyombewu iya ngokukhula, iyoveza khona impela nje lokho isithembiso esiyikho.

¹⁸ Manje kuJohane oNgcwele 11, kulobubusuku, sidonsa lendikimba: *WayeSefika-ke UJesu Futhi Wabiza*. UJesu wafika.

¹⁹ Manje sithola isendlalelo salesisithombe kulobubusuku. KwakunguJesu, ngenkathi Wayengolungile i—insizwa, Wafika ukuba ahlale nomndeni eBethaniya; futhi kwakunguMariya noMarta noLazaru. Futhi babekade beshiye ibandla labo—labo, noma isivumokholo sabo sabaFarisi nabaSadusi, futhi baqhubeka noJesu, base beMmemela ekhaya labo. Futhi uLazaru wayengu—ngumngani wesifuba kuYe. Futhi siyatshelwa, futhi ukuthi uLazaru wayengumlaleli omkhulu

kaJohane umBhaphathizi owayekhuluma ngoMesiya ozayo. Futhi ngakho-ke ngenkathi uJesu esefike enkundleni, futhi wafika eBethani, babeMbungaza njalo kulelikhaya.

²⁰ Manje, siyafundiswa ukuthi uMarta noMariya bathungela ithempeli uhlobo lwezindwangu ezelukwe kwavela imifanekiso kuzo, nokunye nokunye, lapho uLazaru wayefundela ukuba umbhali, ukuloba izincwadi amalettha zomthetho. E... Babeyiloba ezikhunjani ngaleyonkathi, njengesikhumba sesilwane, iphepha lesikhumba okulotshwa kulo, futhi ligoqwa embhalweni ogoqwayo omncane bese unanyatheliswa phansi esibambweni esincane. NoLazaru wayenesandla esihle kakhulu. Futhi wayeloba lemibhalo egoqwayo.

²¹ NoJesu wayehlala nabo. Futhi babekade beMbhekisisile enza izinto eziningi kakhulu, babenokwethembela okukhulu kuYena, kwaze kwathi banikela kalula nje ngezimpilo zabo zonke kuYena. Nakuba Waye...

²² Niyabo, uJesu, ngosuku lwaKhe, wayenziwe insini kakhulu futhi kwahlekiswa ngaye, kunenkolo ethile ephansi kunazonke ekhona emhlabeni namhlanje. Kwakungeke kwabakhona noma yini enayikuphi okuphansi okwedlula konke futhi yadelelwa kunoJesu. Niyabo? Amabandla aMzonda. Futhi ayengenamsebenzi nje ngaYe, sanhlobo, ngoba Wayewasola ngokuphindelela, futhi wawabiza ngazonke izinhlobo zamagama, futhi ehlukana izinhlangotho zamabandla zabo. Wagumbuqela izwe phansi naphezulu nje, ukusho nje. Babezama ukuthola iphutha, ukuba baMsole, futhi babengenakulithola. Futhi nakuba Waye... Kubona, "Wayeyivezandlebe. Wazalwa ngaphandle komshado ongewele. Wayengumfo owuhlobo oluyinqaba. Wayengenamfundo yezwe, ukukhuluma ngayo, futhi nokho Ezibiza ngomprofethi. Futhi, o, he, umfo omubi kabi Ayenguye pho!" Futhi bonke babeMlahla, yonk'indawo.

²³ Akukashintshi kakhulu kakhulu. Niyabo? Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, "Udeveli uthatha umuntu wakhe kodwa hhayi umoya wakhe." Umoya wabantu, okubantu, wake wabakhona ngaphambilini. Ukuba besizoba lapha izinyanga ezithi azibe mbili, lapho esinesifundo sangempela emiBhalweni, bengingathanda ukufakazisa kini ukuthi akukho nkolo ethile ebusweni bomhlaba, namhlanje, kodwa engingekufakazise kini kwaqala kuGenesis, futhi nginikhombise isiqalo. Yimbewu, njengomvini ukhula, yonke. Futhi yenyukela khona impela esikhathini sokuqhakaza manje, futhi ibuyela emuva ibuyela e—embewini futhi. Ngakho zonke lezizinto enizibona zenzeka emhlabeni, zaqala kuGenesis, ngoba uGenesis uyisahluko sembewu seBhayibheli, i—isiqalo.

²⁴ Ngakho niyabo, leyomimoya, wawuphezu kwalawomadoda emuva ngalezozinsuku, usaphila emadodeni namhlanje. Niyabo? USathane uthatha umuntu, kodwa umoya uyaqhubeka uphile.

25 UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa uMoya uyaqhubeka uphile. Lokho kwenza uJesu Kristu abe nguye izolo, namuhla, naphakade. Wathatha uKristu uJesu, kodwa uMoya, uMoya oNgcwele, uyabuya, ubuphezu kwabantu eBandleni kwehle njalo ngeminyaka. Niyabo? Ngoba, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa hhayi uMoya waKhe.

26 USathane uthatha umuntu wakhe, futhi uthola leyomimoya efanayo. Bhekisisa imvelo yabo.

27 Zikhombe wena uqobo, kulobubusuku, esimweni sakho manje lapho omi khona, nomunye umlingiswa weBhayibheli. Wawuyoba kuphi ukuba waphila esikhathini sikaNowa na? Wawuyoba kuphi na? Wawuyoba kuphi ngezinsuku zeNkosi uJesu ngenkathi Wayelapha emhlabeni, esenyameni yaKhe na? Ubuyozibandakanya naliphi iqembu, kulobubusuku na? Cabanga ngakho nje. Niyabo? Wawuyozibandakanya naliphi iqembu, ngenkathi uPawulu wayebaqondisa emuva lapho kwabaseKorinte ngezinto ababezenza na? Yiliphi iqembu owawuyobandakanywa nalo na? Niyabo? Bukani emuva nje. Yisibuko sokuzibuka. Singabona lapho esi, lokho...Noma ngabe yini esasiyiyo, siyiyo manje, yilokho ebisiyoba yikho emuva lapho. Ngoba, umoya okithi manje, owakhonjwa emuva lapho, ukuthi lowo kusengumoya ofanayo owawukubo emuva lapho. He!

28 Lokho bekufanele kusinyakazise futhi kusenze siphume ebuthongweni bethu—bethu esikubo, ukuba sivivi. Kodwa niyazi ukuthi iBhayibheli lithi sifanele sithole leyondlela, ukuze Ahlanze yonk'into iphume emlonyeni waKhe. Ngabe Wakwethembisa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sonke siyazi Wakwethembisa. Futhi Uzokwenza. Lonke ibandla lizohlanzwa liphume emlonyeni waKhe.

Manje, ebandleni kuphuma uMlobokazi. Lowo ngoKhethiweyo.

29 Manje, uJesu wayehambile ekhaya laKhe futhi wayehlala noMarta noMariya noLazaru. Futhi ngolunye usuku, niyazi . . .

30 Wathi, eBhayibhelini, Akenzi lutho aze Akhonjiswe nguBaba amele akwenze. UJohane oNgcwele 5:19, uJesu wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kepha lokho Ebona uBaba ekwenza, nalokho iNdodana iyakwenza." Futhi uma sifanekisa lowomBhalo, besinesikhathi ukukuhlaziya bekuyokwenza, kubukeke kuyikho, kini. Nigijima khona impela nje...Kuphephezela kulolonke iBhayibheli. Nalolonke ivesi eBhayibhelini linakho kulo.

31 IBhayibheli lisekuqhubekeni. Lonke iZwi lihlangana ndawonye. Akukho kuphikisana kuLo. Lihambisana ndawonye. Uma uthola ukuziphikisa, ukuthole *ngaphandle* kweBhayibheli,

ngoba iBhayibheli aliziphikisi. Lisekuqhubekeni, ukuqhubeka, ngokuphelele. Qaphelani.

³² Manje lokhu, uJesu, ngenkathi...Wayeyisipho esikhulu kunazo zonke uNkulunkulu ake azinika umhlaba, izwe. “UNkulunkulu walithanda kangaka izwe,” uJohane 3:16. Manje, abantu babenokukholwa kuSo.

³³ Njalo, iziphiwo zikaNkulunkulu zibukelwa phansi, yiminyakazo yenkolo yesimodeni. Bukani emuva nganoma yisiphi isikhathi, ngezinsuku zikaEliya, ngezinsuku zikaMose, izinsuku noma ziphi ozifunayo. Noma ngabe kukuphi, besihlala njalo sibukelwa phansi, njalo. Akushintshi neze.

³⁴ Ngakho-ke siyabona lapho, futhi, ukuthi, ngalolosuku, ngenkathi uNkulunkulu esebenzisa uJesu. . .

³⁵ Manje, kwabakhona isikhathi lapho owesifazane wasebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, ngoJesu. Wathinta ingubo yaKhe, noJesu wavuma ukuthi Wayengazi ukuthi ubani okwenzile. Manje, angikholwa ukuthi nje Wa... Wenza ihlaya noma waqhubeka. Ngikholwa yilolonwa iZwi Alishoyo lalihlosiwe, lalinomqondo. Futhi Wathi, “Ubani oNgithintile na?” Wayengazi. Futhi Wafuna yonke indawo, phezu kwezethameli, kwaze kwaba Uyamthola owesifazane onalokho kukholwa, wase emtshela ngenkinga yakhe yomopho eyayisiphilisiwe ngenxa yokukholwa kwakhe. Manje, lowo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Manje, niyabo, lowo wesifazane oyedwa esebenzisa isiphiwo saKhe, Waba buthaka ngakho.

³⁶ Kodwa bukani loludaba lapha, ngenkathi Evuse uLazaru kwabafileyo. Akukho lutho okwashiwo ngaYe ebabuthaka lapho. Kwakukukhulu kangakanani ukubiza indoda, omphefumulo wakhe wasusuhambe izinsuku ezine, nokubola kwase kuvele kungene emzimbeni wendoda! Ikhala lakhe, mhlawumbe, ezinsukwini ezine, selivele liwele ngaphakathi. Futhi Wayelapho, wambizela ekuphileni futhi, futhi waphila, futhi uyadla, futhi waphuza, njenganoma iyiphi enye indoda. Kwakukukhulu kangakanani lokho kunokwakuyikho kowesifazane ethinta ingubo yaKhe! Kodwa lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe. Niyabo?

³⁷ Manje, lowo ngumehluko lapha eplatifomu. Manje, uma ningalandela i—nilandelele inkonzo bese niphuma, ngezinye izikhathi, ukuthi Kuzisho kanjani izinto eziyokwenzeka, awu, iminyaka ngaphambili, amaviki ngaphambili, izinyanga ngaphambili, ukuthi ngiye kuphi, ukuthi ngenzeni. Lowo nguNkulunkulu eKusebenzisa.

³⁸ Lapha, nguwe uKusebenzisa. Akusimina. Kudlula kugeleza nje, ngoba yisipho nje ukuba—ukuba uziphumuze, uKukhiphe ekumbatheni ubuntu, ukuze kuthi uNkulunkulu

angazembathisa Yena uqobo ngaKho, futhi akhulume izinto. Manje, ukukholwa kwakho uqobo, awukuqondi ukuthi, wenza lokho, wena uqobo. Ukukholwa kwakho uqobo kwenza lokho.

³⁹ Manje, uma uNkulunkulu efuna ukwenza noma yini, Uyakuphakamisa nje, ethi, “Manje, kuzobakhona, hamba uye ndawo thizeni. Ngenkathi usashayela emgwaqeni, kuzoba nento ethize eyenzekayo *lapha*. Kuyoba nendoda igqoke i—isudu ensundu. Inezinwele ezimpunga. Izohlangana nawe ezansi lapho. Hamba uye kuyo, ngoba unkosikazi wayo ugula kakhulu. Ukulena enye indawo. *Nakho* azobukeka eyikho. Futhi hamba ubeke izandla phezu kwakhe. Umtshele ukuba abuyisele leyonto, ayithatha lapha iminyaka embalwa edlule, futhi enze enye into ethile enye, avuma izono zakhe, futhi uyoba kahle.” Khona-ke ngizokutshela abantu. Siyahamba. Nansi indoda lapho. Lokho yikho ngqo nje okwenzekile. Ngezinto ezehlukene esizweni.

⁴⁰ NgaloMarilyn Monroe ngenkathi esefile, abasoze bakholwa ngaphandle kokuthi leyontombazane izibulalile. Kodwa ayizibulalanga. Wabulawa yisifo senhliziyo. Ngikubonile, izinsuku ngaphambi kokuba kwenzeke, futhi ngabatshela ngakho. Kodwa abangangilalela.

⁴¹ Ngenkathi lezozilwi sezibulelene. Izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kuze ku... Enhla lapho eNew York, omunye wabulala omunye. Ngibabonile e—ezindaweni zokuphuzela utshwala, bephikisana. Futhi ngabona omunye ebulala omunye, izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kwenzeke.

⁴² Zonke lezizinto i...iNkosi ezikhombisayo, nguYe esebenzisa isiphiwo saKhe. Akukho...Awubi buthakathaka, emva kwalokho. Kodwa uma...Yilokho okungenza ngibe buthakathaka, yingenkathi usebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, njengoMoya oNgcwele. Angisiso isiphiwo saKhe. UMoya oNgcwele uyisiphiwo saKhe. Lowo yisipho sikaNkulunkulu eBandleni, nguMoya oNgcwele, futhi uyaWusebenzisa. Futhi Usebenzisa nje noma yikuphi lapho ongazithola khona ungalungile. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthi na? Futhi vumela uMoya oNgcwele uhambe ukusebenzise.

⁴³ Manje, kuloludaba, uJesu wayetsheliwe nguBaba, ukuba ashiye ikhaya futhi ahambe.

⁴⁴ Uma niqaphela ukuthi kwasebenza kanjani, bona, emva kokuba uLazaru esegula. Futhi akungabazeki, abaningi babo bathi, “E-hhe! Manje ake sibone ukuthi ukuphi lomshumayeli ongumgingqiki ongcwele manje, ozokhulekela ogulayo. Akekho enkundleni.”

⁴⁵ Ngakho, Wahamba. Futhi bona, ekugcineni, bathumela kuYe. Ngenkathi udokotela emdela, bathumela kuYe ukuba afike. Futhi esikhundleni sokuza, Wavele waqhubekela phambili

nje. Bathumela futhi. Esikhundleni sokuza, Wavele waqhubeka nje nokuhamba enye indlela. Niyabo? Kwase kuthi-ke, khona manjalo, Wama, wabuka emuva kubafundi; emva kwezinsuku ezingaka, umbono wagwalisa lokho uBaba ayeMkhombise khona. Wathi, “ULazaru ulele.”

Abafundi bathi, “Awu, wenza kahle.” Niyabo?

⁴⁶ “ULEle,” akafile. Ayikho into enjalo njengekholwa lifa. Niyabo? Futhi Wabatshela ngolwimi labo, “Ufile, futhi ngenxa yenu Ngiyathokoza ukuthi beNgingekho lapho. Kepha, Ngizoyomvusa. Ngizoyomvusa.” Niyabo!

⁴⁷ Wayazi ukuthi kwakuzokwenziwa, manje. Isizathu, ukuba Akakwenzanga, khona-ke Ukhulume iphutha ngenkathi Ethi, “Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise kuqala.” Niyabo? Wayekwazi.

⁴⁸ Bese-ke uMbuke esethuneni, “Baba, NgiyaKubonga, Wena usuNgizwile. Kepha Ngisho lokhu ngenzela labo abamile belindile.” Niyabo?

“Lazaru, phuma.” Futhi waphuma. Uphuma ethuneni.

⁴⁹ Manje, ngenkathi uJesu esehambile ekhaya, ngani, lokho kufa nenkathazo kwangena. Futhi khumbulani nje, uma Eshiya ikhaya lakho, inkathazo isendleleni. Manje, Akakhishwanga, lapha. Noma, kalula nje Washiywa, ngoba uBaba wayeMdonsele ngaphandle. Onke amathemba lalingasekho. Manje, ikhaya elincane elingemnandi pho! Abaningi bethu, kulobubusuku, bayazi ukuthi kuzwelwana kanjani nalelokhaya, uma ukufa sekugadle ekhaya lethu. Futhi awusoze wazi ukuthi kuyini kuze kuba ufanele udlule kukho kanye. Kodwa, niyazi, ngenkathi babe. . .

⁵⁰ Ukufa kwakugadlile ekhaya elincane. Babethumele kuYe. Ikhaya elidabuke kangaka elaliyilo pho! INdoda ababenethemba kuyo, iNdoda ababeyithanda, iNdoda ababekade beyibonile iphilisa abagulayo, futhi yenza impumputhe ibone, nesiprofetho, futhi yazi imicabango yenhliziyu, futhi itshela abantu okuyokwenzeka, ngasosonke isikhathi! Futhi Ingena khaxa umBhalo, ncamashi nje, impela nje, kakhulu kakhulu, kwaze kwathi labobantu abathand'umBhalo baMkholwa. Niyabo? Futhi kwakukhona abanye babangani baKhe abathembeke kakhulu okwedlula konke, futhi Wavumela lokho ukuba kwenzeke. Niyabo? Wavumela lokho ukuba kwenzeke ukubona nje ukuthi bayokwenzenjani. Akungabazeki, lokho kwakuyilokho okwakusemqondweni kaBaba ngakho. Onke amathemba awasekho. INdoda ababethembele kuyo, yabala ukuthi Yayingesikhona lokho ababecabanga ukuthi Yayiyikho, noma ukuba—ukuba yikho. Futhi babesekuphelelweni yithemba. ULazaru, umfowabo, wayesefile.

⁵¹ Babengephindele emuva esontweni, ngoba base bevele bemukele uJesu, “uhlanya,” futhi babekade bexoshiwe, futhi banencwadi yabo iletha, njengoba kwakunjalo, namhlanje, esontweni labo, ukuthi babengeke basaphinda babuyela emuva. Futhi babeshiywe bengenabandla. Babesele bengenamngani, kwakubukeka kanjalo. Abantu bomuzi babebalile. Abangani babo abahle ababevamise ukuzibandakanya kanye nabo ebandleni, babengasahlanganise lutho nabo, ngoba babemukele uJesu, “Loluhlanya uqobo.”

⁵² Ngakho, manje-ke, iNdoda ababenethemba labo kuyo yayibalile ngokusobala futhi ingeke yabenzela ufe. Futhi bathumela okwesibili. Futhi Waphinda wabala; futhi wayeka indoda ife, futhi igqunyiswe ngemithi, futhi ifakwe ethuneni, futhi ingcwatshwe. Manje, ukhuluma ngehora elimnyama, lelo kwakulihora elimyama kunakho konke lelokhaya elincane elake lalibona.

⁵³ Waseyafika-ke uJesu. Lowo nguYe, kulelohora elimnyama. Ukuvumela kwenzeka, ngesinye isikhathi. Ebumnyameni okwedlula konke behora, wayeseyafika-ke uJesu. Ubukhona baKhe njalo buletha amathemba amasha.

⁵⁴ Leli kungahle kube ihora elimnyama kunawo onke kwabanye benu bantu. Kungahle ukuba, udokotela usekudelile, ngomdlavuza. Nendoda yenze konke engakwenza ukusindisa impilo yakho, kodwa kungaphezu kolwazi lwayo—lwayo. Ayisenalutho engalusebenzisa. Isiyenze konke engakwenza, futhi uzofa. Kungahle kube ihora elimnyama kunawo onke kowake walibona. Kodwa, khumbula nje, kukulelohora elimnyama uma Efika. Uyafika. Manje-ke, uma Efika, kuletha ithemba elisha. Kuletha ithemba elisha uma Efika. Ubukhona baKhe buletha ithemba.

⁵⁵ UMarta, waphuma. Wayehlala njalo ekhombisa ubunjalo bakhe, ukuthi wayengabonakali ethembeke ncamashi njengoMariya, ngoba uMariya wayelalela iZwi, kepha, uMarta, ngenkathi eMphekela isidlo sasemini, nezinto. Wakukhombisa ayeyikho ngaleyonkathi.

⁵⁶ Isizathu, ngenkathi uJesu esebuya emzini, akungabazeki ngaphandle kokuthi abanye bathi, “Manje, emva kokuba umfana esevele esefile, futhi wangcwatshwa, manje lomshumayeli ongumgingqiki ongcwele unyelela ubuyela emzini.” Akungabazeki ukuthi ngenkathi uMarta eqala ukuphuma, abanye babo bathi, “Bukani, nango ehamba manje. Ukuba bengisendaweni yakhe, bengizoMnika ubunhliziyo mhlophe. BengizoMtshela ngakho uma ngifika lapho. O, akungabazeki ukuthi wayezokwenza. Sizoyombona ekwenza.” Ukuba ubenakho, lendaba ibingeke yafundwa ngendlela eyiyo, kulobubusuku.

57 Manje mbhekeni. Nangu ehamba. Ngahle ukuba wadlula ngaku—ku—kumelusi webandla lakhe—lakhe lokuqala. Wayesethi, “Manje, asithole ukuthi kwenzekani manje. Niyabo? Wanyamalala. Ngenkathi ihora, ihora elibucayi, lifika, Uyanyamalala.”

58 Manje, uMarta, akungabazeki, wayengumfundi weBhayibheli, noma wayengeke amukela uJesu, endaweni yokuqala. Wayengekwemukele phezu kwesayense ephathelene nengqondo yabantu, noma phezu kwezisekelo zenkolo zalolosuku. Wayengekwamukele phezu kwebandla, ngoba ibandla laMzonda. Nosonkolo baMzonda. Futhi bonke baMzonda. Ngakho, kufanele ukuthi wayengumfundi womBhalo, futhi wayekade elifundile iBhayibheli.

59 Ngezinsuku zikaEliya, kwakukhona owesifazane oga... ongowesifazane waseShunemi. Futhi wayeyinyumba. Futhi wayenokukholwa endodeni, umprofethi, owayengwalolosuku, kuEliya. Futhi wayemakhele indawana ohlangothini lwendlu yakhe. Noma, yena owesifazane kanye nomyeni wakhe babenekhaya elihle. Bayakha indawo base befaka i—indishi yamanzi phakathi lapho, nendawo yakhe ukuba ahlambe futhi azihlanze, futhi nje benza indawo enhle ngempela, ethokomele. Futhi ngenkathi edlula, yena noGehazi, inceku yakhe, futhi wathi, “Buka ukuthi ungakanani umusa lona wesifazane waseShunemi a—asikhombise wona.” Wathi, “Hamba umbuze ukuba ngiyakukhuluma enduneni yamasosha engishifu e—engazi ngakho. Ngimazi kakhulu impela. Noma, ngingakhuluma nenkosi na? Ngibiziwe futhi izikhathi ukukhuluma kuye futhi ngixoxisane naye.” Wathi, “Manje, ngiyazibuza ukuthi ngingakhuluma uma sengiya phambi kwakhe futhi, noma uma sengibizelwe komunye walababantu na?”

60 Ngakho uGehazi wahamba futhi wambuza. Futhi wathi, “Qhabo.” Wathi, “Ngihlala phakathi kwabantu bakithi. Anginazizathu ukuba ngicele izinto ezinjengaleyo. Lokho bekungekho nje enhliziyweni yami, nje ngoba ngiyazi uyindoda kaNkulunkulu. Futhi ngifuna ukukhombisa umusa kuye. Yilokho kuphela.” Wathi... .

61 Awu, uyabuya, noGehazi wathi, “Kepha umyeni wakhe usemdala futhi abanabo abantwana.”

62 Ngakho, uEliya kufanele ukuthi wayebone umbono. Futhi wathi, “Hamba, umtshela, ‘Ngalesisikhathi sokuphila, cishe unyaka kusukela manje, uzogona umntwana.’” Futhi wakwenza. Wayenomfanyana.

63 Umfanyana wayethi akabe neminyaka elishumi nambili ubudala. Wayephandle ensimini nobaba wakhe, cishe ngeleshumi nanye osukwini, ngakho kufanele ukuthi kwakungunhlangothi welanga. Wakhala, “Ikhanda lami! Ikhanda lami!” Nobaba wamthumela ekhaya, futhi—futhi

ngakho bamlalisa phezu kwethanga likamama. Futhi sekuthi akube yisemini, umfanyana wafa, wagula kakhulu; mhlasimbe unhlangothi welanga. Kungekho kuphefumula kuye. Wayesefile.

⁶⁴ Ngakho wamthatha futhi wamlalisa phezu kombhede kaEliya. Indawo enje pho ukumbeka kuyo! O, he! Kunjalo impela nje. Wambeka phezu kombhede kaEliya.

⁶⁵ Futhi wathi encekwini, “Bophela umnyuzi manje, bese uqhubeka. Futhi ungami ngize ngikutshele, ngoba sifuna ukuya endodeni kaNkulunkulu.” Wayazi, uma wayengathola leyondoda, ubeyothola isizathu ukuthi kungani. Uma uNkulunkulu engamtshela ukuthi leyongane yayiza, futhi ubeyombusisa ngesibusiso sikaNkulunkulu, ukuthi isibeletho sakhe—sakhe esiyinyumba besingazala indodana, impela uNkulunkulu ubengatshela leyondoda ukuthi kungani Eyithathile. Wathi, “Ungami ngize ngikutshele. Yiya kuleyondoda kaNkulunkulu.”

⁶⁶ Manje, uma u—umkhweli esesondela endodeni kaNkulunkulu, wayengazi. UNkulunkulu akabatsheli abaprofethi baKhe zonke izinto ezizokwenzeka. Wayengazi ukuthi enzeni. Ngakho wathi, “Nakhu kuza lowomShunemi,” washo kuGehazi. Wathi, “Futhi—futhi ulusizi, futhi uNkulunkulu ungifihlele khona. Angazi ukuthi ufunani.”

⁶⁷ Ngakho, ngenkathi eqhamuka. Ngiyakuthanda lokhu. Ngenkathi ekhuphuka esondela kuEliya, uEliya wamemeza, wathi, “Ngabe konke kuhambakahle kuwe na? Ngabe konke kuhamba kahle ngomyeni wakho na? Ngabe konke kuhamba kahle ngomntwana na?”

⁶⁸ Qaphelani, umyeni ehamba kwiphansi, edazuluka. Niyabo? Wayengenakho ukukholwa ayenakho. Futhi yena, edazuluka nje futhi eqhubeka; bonke omakhelwane, beqhubeka. Nengane, amahora ngaphambi kwalokho, yayilele ibanda, embhedeni.

⁶⁹ Bhekisisani, ngenkathi efika kulendoda kaNkulunkulu. Wathi, “Konke kuhamba kahle.” Amen. Ngiyakuthanda lokho. “Konke kuhamba kahle manje. Ngisebukhoni bokumela kwaKhe.” Amen. Nakho lapho okhona. “Konke kuhamba kahle.” Kwase kuthi-ke wawela ngasezinyaweni zakhe wase eqala ukwembula kuye; kungesikho ukuthi owesilisa utshela owesifazane. Owesifazane watshele owesilisa.

⁷⁰ Ngakho-ke wathi kuGehazi, “Bhinca ukhalo lwakho, bese uthatha loludondolo bese uhamba ukubeke kumntwana.” Wayengazi ukuthi akenzeni.

⁷¹ Ngakho...Futhi ngicabanga ukuthi ilapho uPawulu, enye indoda yomBhalo, ebingeke, ingeke yathatha amaduku emzimbeni wayo, ukuba yayikade ingenamiBhalo ukukwenza. UEliya wayazi ukuthi, yonke into ayeyithintile, yayibusisiwe; kodwa ukuba wayengathola owesifazane akukholwe lokho!

Ngakho ngicabanga ukuthi yilokho uPawulu akwenza. Manje, sigcoba amaduku ngamafutha. Manje, lokho akukho ngokomBhalo, kodwa kulungile. Lokho kulungile ngokuphelele. “Kepha bathatha emzimbeni kaPawulu,” kwasho iBhayibheli, “amaduku noma izindwangu.” Qaphelani. Kodwa . . .

⁷² NoEliya, wathi, “Thatha loludondolo, hamba ulubeke enganeni. Futhi uma kukhona okukhulumisayo, ungamphenduli. Qhubeka nje, ubeke udondolo enganeni.”

⁷³ Manje, ukukholwa kowesifazane kwakungekho odondolweni. Kwakukumprofethi. Wathi, “Njenge—njengeNkosi uNkulunkulu ephila, futhi umphefumulo wakho awufi neze, angizukukushiya.” Futhi wahlala khona lapho, ephikelela, kwaze kuba uthola impendulo yalokhu ayefuna ukukwazi.

⁷⁴ Awu, uEliya wayengenayo impendulo, ngakho kwakunento eyodwa ukuba ayenze, ukuba ahambe naye. Ngakho, wabhinca ukhalo lwakhe, futhi wahamba.

⁷⁵ Wahlangana noGehazi esebuya. Wathi, “Ngabe wenze ngokuyala kwami na?”

⁷⁶ Wathi, “Ngenzile. Ngibeke udondolo phezu kwengane. Akukho kuphila noma lutho namanje.” Lokho kwase kungamahora ngamahora ingane yayisifile.

⁷⁷ Awu, uEliya wahamba wangena. Wayengazi ukuthi enzeni. Ngakho, khumbulani, wanyuka wehla kwiphansi lendlu, emuva naphambili nje, emuva naphambili, kwaze kwaba uMoya wehlela kuye. Futhi ngenkathi uMoya wehlela kuye, wabeka umzimba wakhe uqobo phezu kwalowomzimba wengane, futhi yathimula kasikhombisa yase iphila, ngenxa yalokho kuzinikela nalokho kukholwa kwalowomama.

⁷⁸ Manje, uMarta, azi ukuthi lona wesifazane waseShunemi wayenokukholwa kulomprofethi, engomele uNkulunkulu emhlabeni walolosuku. UEliya wayeyi . . . wayengomele uNkulunkulu wosuku lwakhe. Wayazi ukuthi wayekade ebone okwenele okuvela kuJesu ukuthi Wayengomele uNkulunkulu walolosuku. Nakho lapho okhona. Niyabo? Wenza umBhalo uhambe ngokweqiniso.

⁷⁹ Manje-ke, ngenkathi egijimela kuYe, futhi kwabukeka kungathi wayenelungelo lokuMkhaca, futhi athi, “AWuzanga ngani na? AWuzanga ngani na? Sithumele kuWe. Sishiye ibandla. Senze konke *lokhu*.” Qhabo. Lokho ngukulandisa kuka 1964 kwakho. Hhayi ngaleyonkathi, niyabo. “Senze konke *lokhu*. Senze *lokho*. Nginikela *lokhu*. Nginikela *lokho*.” Unikela ngani na? UNkulunkulu wanikela ngeNdodana ngenxa yakho nami, ongafanelekile.

⁸⁰ Kufanele ukuthi wayephumele lapho. Futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezibonakalisile Yena uqobo. Futhi bhekisisani

ngenkathi efika. Bamlandela, ukubona ukuthi wayezothini. Manje waphumela lapho, futhi wawela phambi kwaKhe, kuqala, wayesethi, “Nkosi.” Yilokho Ayeyikho. “Ukuba Ubukhona, nga umnewethu engafanga.” Niyabo? “Nga umnewenu engafanga.” Futhi wa . . .

Wathi, “Umnewenu uzakuvuka futhi.” Futhi Wa . . .

⁸¹ “Yebo, Nkosi. Uyovuka ngosuku lokugcina, ovukweni lukawonke wonke. Wayengumfana olungile. Uyovuka ngosuku lokugcina.” Niyabo, babekholelwa ovukweni lukawonke wonke.

UJesu wathi, “Kepha ngiyilokho kuvuka nokuPhila.”

⁸² O, he, emva kokuba esemalile! Yayingakwenza kanjani iNdoda, ongukuvuka kokuPhila, ike iphathe umgani kanjalo na? Ngezinye izikhathi Uyakuvivinya, abone ukuthi uyokwenzani. Niyabo? Abeke into phambi kwakho, futhi abone ukuthi wenzani ngayo. Angahle akwenze lokho, kulobubusuku. Ubelokhu ekwenza, ngakho nje ukubona ukuthi uyokwenzani ngakho.

⁸³ Manje-ke siyathola, ukuthi ngenkathi lokhu sekwenziwe, wathi, “Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu ebizofika ezweni.” Yilokho impela Akuqinisekisa ukuthi uyikho. “Nakalokhu, nakuba umnewethu efile, nakuba egqunyisiwe, nakuba engcwatshiwe, nakuba esenuka phakathi ethuneni, kepha nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKupha khona.” Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona. Lelo yinothi lokuqala. Wayekhohlelwa Kwakucelile. Uma Acela uNkulunkulu ngaye, uNkulunkulu ubeyowuzwa umkhuleko waKhe. “Nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKupha khona.”

⁸⁴ Manje ungaba nalolohlobo lokukholwa, kulokhu ukuhlwa, eZwini likaNkulunkulu na? Awu, uJesu uyiZwi laKhe. Ubungaba nalokho kukholwa okungako eZwini likaNkulunkulu na? Ngenkathi Kunjenge—njengokukhonjwa ngokuqondile okwalolusuku kakhulu kangangokuba Kwakhonjwa ngalolosuku. Ungakukholwa lokho na? “Noma yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzokupha khona.” Niyabo?

⁸⁵ Wena uthi, “Kodwa udokotela ungalile, Mfowethu Branham, wathi akasanakungenzela lutho olunye.”

⁸⁶ “Kepha nakalokhu, Nkosi!” Uthi, “Bengingahambi iminyaka. Kepha nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKupha khona.” Uhlezi ngakwesokunene soBukhosi kweliPhezulu, elindele wena ukuba ucele. “Nakalokhu, noma yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKupha khona.”

⁸⁷ IBhayibheli alisho yini ukuthi, “Uhlezi ngakwesokunene soBukhosi”? Yini isandla sokunene na? Akusiso isandla njengomuntu, esami. Ngamandla, isandla sokunene samandla. UnguNkulunkulu enathi, uNkulunkulu kithi. UNkulunkulu

elapha manje. Isandla sokunene, Okhona kuze kube phakade, khona lapha. Uma udinga uNkulunkulu, awudingeki ukuba uye eZulwini. Ulapha kanye nawe. Isandla sokunene samandla oBukhosi baKhe, ehlezi lapha, elungele ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwakho, elindele ukubizwa.

⁸⁸ “Nakalokhu, Nkosi!” Nakuba udokotela engitshela ukuthi bengingeki ngiphile kodwa elinye iviki, “Nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKupha khona.”

⁸⁹ Akumangalisi Athi, “Umfowenu uzakuvuka.” Wathi, “Ngiyilokho kuvuka nokuPhila. Lowo okholwa yiMi, nakuba efile, nokho uyophila. Futhi noma ubani ophilayo futhi akholwe yiMi akayikufa neze. Uyakholwa yilokhu na?”

Wathi, “Yebo, Nkosi, ngiyakukholwa.” Kunjalo.

⁹⁰ Manje, uma unokukholwa kwangempela, uma amazinyo esondo eya kohlangana ndawonye kanjalo, isondo lizophenduka. Kuzokwenzeka okuthile, ngoba kunamandla macala omabili. Amandla, ekukholweni! Namandla... Isonjwana liphendulwa ngukukholwa. Elikhulu liphendulwa ngamandla kaNkulunkulu. Ngenkathi lezozinto ziphenduka, okuthile kuzomele kwenzeke.

⁹¹ Ukwenza lokho kukhanya phezulu lapho, kuthatha ophisi ababili bempahla, nesiphehlisesi, kuphenduka ndawonye. Kunjengawe. Kuyokwenza ukukhanya. Kuyokwenza ukukholwa. Kuyokwenza—kuyokwenza amandla. Kuyokwenza ukuphilisa. Uma ikholwa noNkulunkulu bephenduka ndawonye, kuphehla amandla ovuko lwaKhe. Uma ikholwa lifaka iZwi laKhe enhliziyweni yabo futhi liqala ukuwaphehla. Kuveza ukukholwa, ngoba Uthembisile. Konke kusemgqeni. Into kuphela ofanele uyenze ukuthola ugesi cindezela inkinobho. Yilokho kuphela uma lomBhalo ufanele ukugcwaliseka manje. Cindezela inkinobho. Ungesabi.

⁹² Yileyo indaba ngabantu. Bengihlale ngisho... Kungukubhedha kancane ukukusho. Ngithola amazanga amabili abantu njengoba ngihamba, abasemqoka namaPentecostal. Ngaphandle kwalokho, angazi lutho ngakho. Nabasemqoka bangabantu ngokwendawo bayazi ukuthi bame kuphi, kodwa abanakho nayikuphi ukukholwa kulokho abakwenzayo. NamaPentecostal abantu abane... analokho kukholwa kodwa abazazi ukuthi bangabani.

⁹³ Kufana nomuntu onemali ebhange futhi akakwazi ukubhala isheke futhi omunye uyakwazi ukubhala isheke futhi akanamali ebhange. Ukuba ubungake ukuhlanganise ndawonye. Uma uthola amaPentecostal ukuba avuke, ukuthi uMoya oNgcwele ozisho ukuthi unawo, lowo nguYe ekhombisa iGama laKhe neZwi laKhe. Bese-ke usayina igama lakho ngaphezu kwesheke bese ulifaka. Kubhekisise ku—kubhekisise kuqondwa ngamabhange aseZulwini.

94 “Cela uBaba eGameni laMi, noma yini.” Niyabo? Ungesabi ukukucela. Wathembisa ukuthi Uyokwenza. Ngani, lapho, lokho yi. . . Awudingeki ukuba ukhathazeke ngakho. Wakwethembisa.

95 Kuqapheleni manje. Futhi wayeqinisile, ngenkathi wayazi uma uNkulunkulu wayekuEliya. Wayekuye. Wayekuye. WayenguKristu, futhi. Niyakukholwa lokho na? UJesu washo ukuthi wayenguye, wathi wayengukulunkulu, ngoba iZwi likaNkulunkulu leza kuye. Uma uNkulunkulu wayekuEliya, WayeseNdodaneni yaKhe kakhulu kangakanani! Futhi uma uNkulunkulu, ngaleyongxenyana, ubengavusa ingane efile, kakhulu kangakanani, uNkulunkulu ekugwaleni kwaKhe!

96 Awu, kakhulu kangakanani manje, uNkulunkulu ekhonjwa kanye nathi futhi kithi! Ukuhlawulela kwenziwa. Akwenziwanga ngaleyonkathi. Babesengaphansi kokuhlawulela kwe—kwenqama ehlatshiwe. Futhi manje singaphansi kokuhlawulelwa kweGazi likaNkulunkulu; kungesilo igazi leJuda, kungesilo igazi loweZizwe. Wayengesikho kokubili. WayeyiGazi likaNkulunkulu.

97 Igazi livela ezindlaleni zowesilisa. Isikhukhukazi singalizalela iqanda, kodwa uma besikade singekho nenyoni yesilisa, singeke sachamsela. Asivundile. Ukuvunda kuvela ehemoglobin, lelo yigazi elisezindlaleni zesilisa, njalo. Owesifazane kuphela uyiqanda.

98 Futhi kuloludaba, uJesu wayeyiGazi likaNkulunkulu, ingqamuzana leGazi elidaliwe. Wayengesikho kokubili iJuda noma oweZizwe. WayenguNkulunkulu. IBhayibheli lathi, “Sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu,” hhayi iJuda noma oweZizwe, iGazi elidaliweyo. Lapho ilapho, ukuba WayengumJuda, ukholo lwami alusekho. Ukuba WayengoweZizwe, ukholo lwami alusekho. WayenguNkulunkulu. WayenguNkulunkulu ongafi obonakaliswe enyameni, ukuthi Wadala ingqamuzana leGazi futhi Wenza umzimba waKhe uQobo. Amen. Lokho kwenza udeveli aqhaqhazele futhi abaleke. Lokho kumbeka emnyakazweni. Uma ubona into yangokoqobo ngempela. Mayibongwe iNkosi. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] UNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. UyiGazi likaNkulunkulu. Ngakho-ke, ukuPhila kuvela kulelongqamuzana. Futhi manje ngaleloGazi. . .

99 Emnikelweni womhlatshelo omdala, isikhonzi sasibeka izandla zaso phezu kwenqama, bese benquma umphimbo. Umpristi wathola igazi futhi walishisa. Futhi isikhonzi, sizwa izinhlungu zokufa phezu kwe—kwenqama, izandla zakhe zonke zigcwele igazi elivela kwencane, inqama efayo, ifa, noma imvu encane, njengoba isifile, kodwa wahamba wabuyela emuva phandle nonembeza ofanayo ade enawo engena. Ngoba, ngenkathi lelongqamuzana legazi laliphukile,

kwakuligazi lomunye, inqama yesilisa, niyabo, neqanda elivela kowesifazane. Futhi ukuphila okwakukuleyo kwakungeke kubuyele phezu kwempilo yakhe, ngoba impilo yesilwane. Impilo yesilwane ayinawo umphefumulo, ngakho asazi okulungile kokungalungile. Ngakho akubuyelanga emuva.

¹⁰⁰ Kodwa kuLokhu, uma sibeka izandla zethu ngempela phezu koMhlatshelo wethu, uJesu, futhi sizwe ezinhliziyweni zethu ukuthi sinecala, futhi sikwazi esikwenzayo. IGazi lalowoMhlatshelo, ukuPhila okwakukuleloGazi kwakunguNkulunkulu uQobo lwakhe, ngakho Uyabuya phezu kwakho, uMoya oNgcwele. Uba yindodana kaNkulunkulu, manje-ke, kungasekho nembeza wesono. Ozelwe nguNkulunkulu akasenzi isono. Angeke ona. Imbewu kaNkulunkulu ikuye. Angeke ona. Akasanasifiso sesono, sanhlobo. Ngakho, inqobo nje uma usalangazelela ukona, unecala ngakho. Kodwa uma usungesenasifiso, uma wenza noma yini engalungile, khona-ke awukwenzi ngamabomu.

¹⁰¹ AmaHeberu 6 athi, “Uma sona ngamabomu emva kokwamukela ulwazi leQiniso, akusasele umhlatshelo wesono.” Wona ngamabomu. Ngakho uma uqhubeka ufuna ukona, ngamabomu, kunokuthile okungalungile ngesehlakalo sakho.

¹⁰² Manje, ngenkathi eseMzwile. Wayekahle. . . Ngenkathi Ethe, “Ngingukuvuka nokuPhila. NGINGUYE.” O! Isiqiniseko esinje pho seZwi elithenjisiwe, ngokuba Wayeyilowo NGINGUYE owayesehlane kanye noMose, emuva lapho esihlahleni esivuthayo! Ngisho lapho wonke amathemba ayesehambile, nokho wayenelisekile. Uma engamThola kuphela ukuba abuze, bekuyothatha indawo. Manje, sikudinga kangakanani ukukholwa okunjengalokho namhlanje!

¹⁰³ Manje, wayefanele akholelwe kokungenakwenzeka, emqondweni wesimanje, indlela yesimanje yokucabanga. Wayemele akholelwe kokungenakwenzeka. Kodwa izinto ezingenakwenzeka zenziwa zibe yizo ngempela uma uNkulunkulu ethathwa eZwini laKhe. Okungena kwenzeka kwenziwa kube okuyikho ngempela uma uNkulunkulu ethathwe eZwini laKhe.

¹⁰⁴ Qaphelani, kuhle kangakanani, “Kepha nakalokhu, Nkosi, nakalokhu,” akunandaba ukuthi i—isimo sinjani. “Nakalokhu, noma yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzoyeza,” kulelohora elimnyama.

¹⁰⁵ Ake sibukeze nje abantu abathi ababe babili lapha, noma kanjalo, eBhayibhelini, umzuzu nje, ukuthola nje lelohora elimnyama ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko.

¹⁰⁶ Asicabange ngoJobe. Wayeyindoda elunge kunawowonke emhlabeni, noSathane uza phezu kwakhe. Futhi ufika kuNkulunkulu, kuqala, futhi wasola uJobe ngokuba yincelebane

kaNkulunkulu. Wathi, “Impela, umbiyele wonke. Gqabula uthango. Ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho.”

UNkulunkulu wathi, “Ungeke wakwenza.” Niyabo?

¹⁰⁷ Futhi manje, uJobe wangena kuzozonke izinhlobo zenkathazo. Khumbulani, walahlekelwa yikho konke okomnotho wakhe. Walahlekelwa yikho konke okodumo lwakhe.

¹⁰⁸ Wayeyinkosana, niyazi, eMpumalanga, futhi wonke amakhosana asemancane ayevame ukufika futhi akhothame phambi kwakhe ngoba wayeyindoda ehlananiphileyo. Wayengumprofethi. Futhi wonke umuntu wayefuna ukumbona futhi akhulume naye, umzuzwana nje. Umzuzwana nje wesikhathi sakhe ubungasho olukhulu kakhulu. Nokuthi wayevamise kanjani ukuhamba ehle ngesitaladi, ukuhlonipha enhlizweni yakhe ngoNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayemenze umprofethi.

¹⁰⁹ Nezazi zaziza zenyuke futhi zithi, “Jobe, mnumzane, siyazi ukuthi uNkulunkulu omkhulu waseZulwini unawe. Singathanda ukuba nophisi owodwa weseluleko. Senze *ukuthi-nokuthi*. Besifanele senzeni na?” Futhi uNkulunkulu wayekwembula kuJobe. Futhi babehamba benze lokho ngaleyondlela, futhi leyo nje indlela obekufanele kube ngayo. Lokho kwakulungile.

¹¹⁰ Kodwa, khona manjalo, bonke bamelana naye. Yebo. Wonk’umuntu wamala phansi. Khona-ke isishingishingi siyafika, sabulala bonke abantwana bakhe futhi sabulala zonke izilwane zakhe. Yonke into ayenayo yase ingasekho. Manje-ke kufika abanye bakhe abadlula bonke, mhlawumbe amadikoni ebandla lakhe, niyabo, afikela ukuzomduzwa. Futhi babemsola. “Manje, Jobe, uyazi, indoda ebithandzwa nguNkulunkulu, njengawe, futhi konke lokhu kwenzeke kuyona, bekufanele kubekhona okuthile okungalungile. Wenze okuthile okungalungile.”

¹¹¹ UJobe wathi, “Nginelisekile ukuthi angikaze. Inhliziyo yami ihlanzekile phambi kukaNkulunkulu, futhi ngikwenzile ukunikela kwami.” Amen.

¹¹² Nakho lapho okhona, khona-ke mana kukho. Uma uhlangabezane nezidingakalo zikaNkulunkulu, hlala khona lapho. Unganyakazi. UAbrahama wabiza konke okwakuphambene nalesosithembiso njengokungathi kwakungekho. Akaphambukanga esithembisweni ngokungakholwa, kepha waqina, enikeza uNkulunkulu udumo.

¹¹³ UJobe wahlala nakho ngqo. Emva kwesikhashana, umkakhe uqobo wathi ukumphendukela. UJobe wamila amathumba, impilo akhe uqobo yahluleka. Waphuma futhi wahlala enqwabeni yomlotha, futhi wazinwaya ngodengezi noma

okuthile, enwaya. Cabangani nje ukuthi isimo esidabukisa kanjani lowomuntu ayekuso!

114 Ngiyakhumbula ngithatha lokho ngesinye isikhathi, etarbenakele lami, iminyaka eyadlula. Futhi ngangikukho unyaka, nje iNcwadi kaJobe. Leyo yindlela. Siyakuhlaziya nje, ukubophela lonke iZwi ndawonye. Futhi manje-ke nganginaye kuleyonqwaba yomlotha lapho cishe amaSonto ayisihlanu alandelanayo. Futhi angikaze. . . Emva kwesikhashana, udade omncane wangibhalela incwadi iletha. Wathi, “Mfowethu Branham, uzomehlisa nini uJobe kuleyonqwaba yomlotha na?” Kodwa nga—ngangizama ukwenza iphuzu. Niyabo? Nga—ngangizama. Ngangizama ukuthola lokhu kuqedliwe, ukuthi, kungani wayelapho.

115 Futhi umkakhe uyaphuma wayesethi, “Jobe, uyadabukisa. Kungani ungathuki uNkulunkulu futhi ufe ukufa na?”

116 Manje bukani. Akambizanga ngowesifazane oyisiwula. Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Ngamanye amazwi, “U—u—ukhuluma ubuwula.” Wathi, “iNkosi iphile, iNkosi ithathile. Malibusiswe iGama leNkosi.”

117 Manje-ke, wayazi ukuthi wayezokufa. Futhi wathi, “Nkosi. . .” Isahluko 14 sikaJobe, wathi, “Kunethemba emthini, uma upheshulwa umoya.” Wayazi ukuthi ube. . . Yathonya abantu. Impilo yakhe yayikade inosizo. UNkulunkulu akasiniki ukuphila kwethu nje ukuba sizulazule, *lokhu, lokho*. Uyinika, ukuba ibe usizo kuYe. Yenza okuthile. Tshela omunye umuntu. Awukwazi ukukhuluma na? Huba ngekhwela ihubo, noma okuthile. Nikeza ukuzwalaliza okuthile, ndawondawo. Futhi uJobe wayeluhlobo lomuntu owayenosizo.

118 Wathi, “Uma umuthi uya ethuneni; i—iphunga lemvula, izimpandle ziyavuka futhi. Uma imbali ifa, imbewana ilele lapho futhi iqhuma ivuleke, impushumpushu iyaphuma kuyo.” Akukho-ndlela ongathola ukuphila kuyo. Kodwa uma kufika intwasahlobo, kuqhuma leyombali encane futhi. “Manje, kunethemba, uma imbali ifa, uma umuthi ufa. Kepha umuntu,” wathi, “uyalala, unikela umoya. Amadodana akhe afikela ukumhlonipha, futhi akaqondi.” UJobe ufuna ukwazi. “Uma betshala imbewu emhlabathini, futhi iqhume. Kepha batshala umuntu emhlabathini, futhi akaqhumi.” Manje wathi, “Kuthiwani ngakho konke lokhu na?”

119 Futhi akakuqondanga. “Kangakanani umuntu, olukhulu kangakanani udumo kunembali; umuntu, olukhulu kangakanani udumo kunomuthi, esithombeni sikaNkulunkulu; futhi nokho wamtshala emhlabathini, futhi lokho—lokho kuyakuxazulula. Amadodana akhe eza ukuzozila, futhi akaqondanga. O ukuthi Wena ungifihle ethuneni, Uyongigcina endaweni efihlakeleyo kuze kudlule ulaka lwaKho. Wena ungiqokele isikhathi nendawo; Angiyikudlula.”

¹²⁰ Qaphelani manje, uma lonke lolusizi lufika. Nabangani bakhe bamphendukele, futhi bamsola ngokuba isoni esifihlakele. Unkosikazi wayemalile. Wonke umuntu wayemalile. Wathi, “Ukuphefumula kwakhe kwakuxakile kumkakhe.” Futhi zonke izinto ezenzeka kuye! Futhi kwabukeka ngathi uNkulunkulu wayemalile. Futhi uzofa futhi angene emhlabathini.

¹²¹ UNkulunkulu wakhuluma kuye, kakhulu kanjalo ukuthi, “Jobe, manje bopha izinkalo zakho. Ngizokhuluma kuwe.” Kwase kuthi-ke ngenkathi Esethe, “Uyabo, isihlahla asikaze sone. I—imbali ayikaze yone. Yafezekisa inhloso yaMi. Ngakho-ke yaqala ukukhula, enye kwenye, futhi ayonanga, ngakho iyavuka futhi. Kepha umuntu wona, ngakho-ke uyanqunywa.”

¹²² Ngakho, manje-ke, uJobe waqala ukuzibuza, wayese-ke engena osizini njengoba kwenza uMarta. Ehoreni elimnyama kunawo onke, ngenkathi, konke okokuthonya kwakhe, wake wakuphila ezeni na? Wayengakhuluma kanjani kuJobe na? Ungumprofethi. Wayeyokhuluma kanjani kuye na? Ngombono.

¹²³ Khona-ke wabheka phezulu, nomdumo waduma, nokubanika kwabaneka, noJesu wafika. WayeseMbona-ke ezinsukwini zokugcina. Wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma phezulu kwalomhlaba. Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu engiyakumbona.” Ihora elimnyama kunawo onke, wayesefika-ke uJesu.

¹²⁴ Manje, leyo iNcwadi endala kunazozonke eBhayibhelini. UJobe, walotshwa ngaphambi kokuba kulotshwe uGenesis, basho njalo.

¹²⁵ Qaphelani manje uMose, ehoreni lakhe elimnyama. Wayekade azi. Umama wakhe wayemtshelile ukuthi uJehova wayemvuse kanjani, ukuthi wayezoba kanjani ngumkhululi wabantu. Futhi wayekade ezamile ukukwenza ngendlela yokucabanga yezempi, ngoba wayeyindoda yezempi, wakhuliswa nguFaro, waba u—umholi. Wayengufaro olandelayo. Futhi waphuma ukuzama ukubakhulula ngesandla sakhe uqobo.

Kepha uNkulunkulu akakhululi kanjalo. UNkulunkulu ukhulula ngesandla saKhe.

¹²⁶ Ngakho waba nobuhlakani, ofundile, efunde zonke i... wathola iPh.D. yakhe, neLL.D. nabo bonke oLL noDD abahambisana nakho, ngiyaqagela. Ngakho wacabanga, “Ngimthole ngempela manje. Ngifreshi nje ngiphuma ekolishi lezenkolo.” Ngakho uphumela lapho, futhi wahluleka.

¹²⁷ Khona-ke uNkulunkulu wamkhiphela lapho iminyaka engamashumi amane wayesekhipha yonke leyomfundo kuye, niyabo, iminyaka engamashumi amane. Manje useyikhehla,

amadevu elengela phansi okhalweni lwakhe, nenduku esandleni sakhe, onke amathemba okukhulula abantu evele engasekho. LawomaHeberu bantu ezansi lapho, ehlushwa yilabobacindezeli, futhi beshaywa imihlane, na— nabaxovi bodaka kulolodaka. Onke amathemba okubakhulula lalingasekho. Bese kuthi-ke ngolunye usuku, ohlangothini olungemuva logwadule, uJesu wafika, iNsika yoMlilo. Wathi, “NGINGUYE.”

YiLowo Ayenguye. Ngelinye ilanga Wayekhuluma . . .

¹²⁸ Wathi, “Ngani, Uthe Ubone uAbrahama”? Ngani,” wathi, “ngani, Aweville emashumini amahlanu ubudala. Futhi uthi . . . Siyazi Uyahlanya. U—Unodeveli.”

Wathi, “Ngaphambi kuka-Abrahama, NGIKHONA.”

¹²⁹ Ngakho, kwakunguJesu owafika, eNsikeni yoMlilo, ehoreni lakhe elimnyama kunawo onke. Futhi wehla, ngaleyonkathi.

¹³⁰ Niyazi, uma uJesu ekubamba, kukwenza wenze izinto ezizwakala kuwukuhlanya, ezweni. Ubungacabanga lelokhehla lehla lapho ukunqoba lowomuzi, noma ukunqoba lelozwe na? Futhi wakwenza, ngenduku egwegile esandleni sakhe, kodwa yena qobo lwakhe wayesesandleni sikaNkulunkulu. Yilokho okwenza umehluko.

¹³¹ Awu, asikhulume ngomunye umlingiswa umzuzwana nje. Asikhulume ngoJayiru, eBhayibhelini, izinsuku zikaJesu. Yena, wayengumfo okahle omncane. Wayeyi—yikholwa, ikholwa langasese. Ngingambiza ngento ethile efana nekhohla elithiyeka emnceleni, njengezinhlozi ezawela futhi zanambitha izinto ezimnandi futhi zabuya zase zithi engeke kwenziwa. Kodwa uJayiru wayeyikholwa langasese. Wakholwa yiNkosi uJesu, ngoba wayengumfo okahle. Mhlawumbe wafundisisa imibhalo egoqwayo, futhi wabona lapho uJesu ahlangebana khona nazo zonke lezizidingakalo, futhi Wayeyilowomprofethi owayefanele ukuba avuswe, ngokukaMose. Kodwa akakakwazanga ukwenza ukuvuma kwakhe, ngoba, ukuthi, noma ubani owayenze ukuvuma ukuthi babekade benoJe-. . . babephandle noJesu, awu, khona manjalo baxoshwa. Futhi wayengumpristi.

¹³² Kodwa, niyazi, uNkulunkulu unendlela yokuphoqa udaba, ngesinye isikhathi, ukukwenza ukwenze. Ngakho, niyazi, wayenentombazanyana, umntwana wakhe oyedwa qhwaba. Futhi wagula kakhulu, futhi babiza udokotela. Nodokotela wenza konke ayengakwenza, futhi inganyana yaya ngokugula ngokugula. Manje udokotela wambizela ngaphandle, wathi, “Jayiru, ngiyazonda ukukutshela lokhu, Dkt. noma Mfu. Jayiru. Kodwa uyazi ukuthini? Leyongane izofa. Cishe inelinye ihora nje ukuba iphile.” Sengiyabona, bonke behayiza, nabantu bemi bezungezile, bekhala izinyembezi. Futhi bayibeka ngaphandle ohlakeni oluncane, usofa omncane lapho, kanjalo. Kwase kuthi-ke uJe-. . .

133 Sengiyambona uJayiru omncane ezulazula, efaka isigqoko sakhe sobufundisi nejazi. Umkakhe uthi, “Uyaphi na?”

134 “Uyazi, ngiqagele kungiphoqile.” Khona-ke wayesephuma ngomnyango. Wase ethi, “Kuphi. . .” Umelusi wakhe wayemi lapho, wathi, “Jayiru, uyaphi na?”

“A, awu, ngicabange ukuthi angilule izinyawo.”

135 Niyazi, ubumnyama obedlula konke kwehora lakhe. Nakhu kunyuka omunye umuntu ngomgwaqo, wathi, “Yeyi, Jayiru! Uyazi ukuthi Ubani osezansi esibophelweni semikhumbi na? UJesu waseNazaretha, lowomprofethi, usanda kufika.” Kwakungubumnyama okwedlula konke behora lakhe, wayesefika-ke uJesu nje ngehora elimnyama. Sengiyambona ehlisa lesosigqoko esincane phezu kobuso bakhe, futhi wehlisa ngomgwaqo ngokushesha ayengakwenza.

136 Wathi, “Nkosi, yiza ubeke izandla zaKho phezu komntwana wami, futhi uzophila.” Ngenkathi esendleleni yakhe ephindela emuva, into yokuqala niyazi, umuntu mumbé wathi, “Ungamkhathazi. Yena. . .Isivele ifile. Ife izolo, futhi ilele phandle manje.” O, futhi u. . .Inhliziyo yakhe encane yayithi ayiklebhuke.

137 Sengiyambona uJesu embuka, wathi, “Angikutshelanga, ‘Ungesabi futhi uzoyibona inkazimulo kaNkulunkulu?’” Ngiyayicabanga inhliziyo yakhe yaphindela ukushaya kahle. Wenyuka ngomgwaqo, ebuka wonke umnyakazo. Wangena endlini, bathi, “O, ifile.”

Wathi, “Ayifile. Ilele.”

138 “Awu,” bathi, “manje si. . .Sizwile ukuthi Ubusangana; manje siyazi ukuthi Uyasangana.”

139 Wathi, “Phumani, nonke nina eningakholwa. Angeke ngenze lutho uma nina eningakholwayo nisahleli lapha.” Wabakhiphela ngaphandle bonke. Khona-ke Waya ngale kumntwana, wathi, “Vuka, ntombazana,” futhi yavuka. Ehoreni elimnyama kunawo onke, ukufa sekuvele kugadlile ekhaya, wayesefika-ke uJesu.

140 Manje siyaqaphela, ngenkathi intombazanyana yakhe yayigula, akalindanga, njengoNikodemu, ukuba abe negxoxiswano yangasese ebusuku. Isidingo sasingaleyonkathi ngqo. Wayefanele anyakaze khona manje. Okufanayo khona manje. Uma kuke kubekhona isikhathi ofuna ukuphulukiswa ngaso, khona manje isikhathi. Ungalindi esinye isikhathi. Yilesisikhathi ukuba unyakaze. Yebo, mnumzane. Washisekela, wayesefika-ke uJesu futhi wambiza kwabafileyo.

141 Impuphuthé uBartimewu, omunye umlingiswa futhi ebesingakhuluma ngaye, umzuzu nje. Ngithanda ukuninikeza umlando ngempilo yakhe, kanjani ukuthi u—wayenjani, ukuthi wayeziphilisa kanjani ngamajuba amancane enza imigilingwane. Futhi ngakho, ngalezozinsuku, babenewundlu

elalihola impumputhe, njengoba benakho namhlanje inja ehola impumputhe.

¹⁴² Futhi ngakho ngolunye usuku, indaba exoxwa ngempumputhe uBartimewu, ukuthi, uJesu, ngaphambi kokuba Esefike enkundleni, nokuthi wayenentombazanyana eyayigula. Futhi watshela . . . waphuma futhi wakhala futhi wakhuleka eNkosini, wathi, “Nkosi, uma Uzokwenza . . . uma Unginika lokhu kuphila nje kwentombazanyana yami! Angikaze ngikwazi ukuyibona. Kepha uma Uzoyivumela nje iphile, ngiYakwethembisa, kusasa, ukuthi ngizoKunika lamahobhe ami amabili.” Yilokho ayenakho ukujabulisa abantu. Ngakho isinxibi eziningi, sasimele ukuba nento ethile engavamisile. Ngakho amahobhe amancane amabili ayegila imigilingwane phezu kwelinye nelinye. Ngakho wathi, awu, ubeyo . . . Wanikela, uyanikela, ngoba umntwana wasinda.

¹⁴³ Ubusuku obumbalwa emva kwalokho, unkosikazi wagula. Futhi wenza indlela yakhe ngokuzungeza, icala lendlu, wathi, “Nkosi, anginalutho olunye ngaphandle kwewundlu lami elincane elingiholayo.” Wathi, “Uma Uzomvumela asinde,” wathi, “Ngizo—ngizo—ngizoKunika leliwundlu.” Futhi ngakho, usuku olulandelayo, umkakhe wasinda.

¹⁴⁴ Ngakho wayelapha, ehla. Futhi washo, umpristi wathi, “Uyakuphi, mpumputhe uBartimewu na?”

¹⁴⁵ Wathi, “Ngiyehla ukunikela ngaleliwundlu.” Wathi, “Umkami; uJehova uphulukise umkami.” Futhi wathi, “Ngizonikela ngaleliwundlu.”

¹⁴⁶ Wathi, “Ungeke ukwazi ukunikela ngalelowundlu, Bartimewu.” Wathi, “Lelowundlu lingamehlo akho.”

¹⁴⁷ Wathi, “Kodwa uma uBartimewu ezohlonipha isithembiso sakhe kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzohlinzeka iwundlu lamehlo kaBartimewu.”

¹⁴⁸ Ngolunye usuku, wezwa umsindo udlula ngasemzini, abanye babo bempompoloza, “Awusho, Wena mprofethi waseGalile, bangitshela ukuthi Uvusa abafileyo.” Lowo kwakungumpristi. “Sinamathuna agcwele bona phezulu lapha. Nyuka futhi uvuse abanye babo. Bangitshela ukuthi Uvusa abafileyo. AsiKubone uhamba, uvuse omunye wabo. Amanye amadoda alungile alele phezulu lapho. Asibone Ubavusa.” Abanye bathi, “Uma Ungumprofethi, ngitshele engikwenze izolo.”

¹⁴⁹ Abanye babo bathi, “Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu! Yenzani indlela yeNkosi kaIsrayeli.”

¹⁵⁰ Zonke izinhlobo zokuqophisana, futhi amakhulu abo. Manje, uma nizohamba, nike niye eJeriko, futhi nimake lapho ayehlezi khona, wayeqhele cishe ngamakhulu amayadi kunalapho abaphuma khona esangweni. Manje, akungabazeki, abantu bebuthukela phezu kwakhe. Nomfo omdala bandla

ehlezi lapho emoyeni ovunguzayo, enokuqhaqhazela, embethe amatshali. Futhi kungekho wundlu ukuba limhole, futhi kungekho—futhi kungekho majuba. Futhi mhlasimbe wayengenasibasamlilo phakathi ukwenzela ubusika, futhi u. . . ngahle ukuba kwakungaku-Okthoba, futhi kwakubanda. Futhi nango ehlezi, kulesosimo. Futhi yena. . . Elinye inenekazi elinomusa kufanele ukuthi lasho kuye, ngenkathi. . .

¹⁵¹ Wathi, “Ubani? Wonke lomsindo umayelana nani na?” Niyazi, kunento ethile exakayo. Lapho kukhona khona uJesu, kuhlale kukhona umsindo omkhulu. Ya. Kunjalo. Wathi, “Wonke lomsindo umayelana nani na?” Awu, bathi. . .

¹⁵² Lelinenekazi elinomusa, kufanele ukuthi lalingumlandeli kaJesu. Lathi, “Uyazi, nguJesu waseNazaretha.”

“Awu, ubani uJesu waseNazaretha na?”

¹⁵³ “Awu, uyazi, umBhalo uyasho ukuthi iNkosi uNkulunkulu uzovusa umprofethi.”

“O, yebo! Uqonde iNdodana kaDavide na? Ngabe Usesemhlabeni na?”

“NgiMbone enza ncamashi nje. UyiZwi. Kunjalo impela.”

¹⁵⁴ Wakhala, “O, Jesu, ube. . . O, Jesu, Ndodana kaDavide, yiba nomusa kimi!” Manje, wayazi. Usevele usedluliwe. Wayazi ukuthi ukukhala okuzwakalayo kwakungeke kuzwiwe. Kodwa wayazi, uma WayeyiZwi, futhi Wayeyilowo Mesiya, Ubeyoba ngumprofethi, ngoba uMesiya wayengumprofethi. Futhi wayazi ukuthi ubenga. . . ukukholwa kwakhe kuNkulunkulu. Akungabazeki ngale kokuthi wadazuluka, “Jehova, yiba nomusa kimi! Yiba nomusa! Manje ngisize ngikwazi ukumMisa.” Futhi wakhala, “Wena Ndodana kaDavide, yiba nomusa kimi!” Mhlasimbe, konke ukuklabalasa, Wayengeke akuzwe. Kepha ukukholwa kwakhe kwamMisa. UJesu washo njalo.

¹⁵⁵ “NoJesu wama wanganyakaza.” Ngifuna ukushumayela kulokho, mhlawumbe, ngesinye isikhathi, usuku. “Wayesema-ke uJesu wanganyakaza.”

¹⁵⁶ Futhi Wama wanganyakaza. Waqalaza. Futhi Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Ehoreni elimnyama kunawo onke, wayesefika-ke uJesu.

¹⁵⁷ Ukusa nje ngaphambi kwalokho, kwakune. . . ngenkathi Yena. . . ukusa nje ngaphambi ngokuba Angene, ephuma ngesango ngaleyontambama. Wayefikele emzini, kwakunendoda phakathi lapho ebizwa ngoZakewu. Futhi wayengusomabhizinisi wedolobha. Nomkakhe, uRebeka, wayengowe—wesifazane okahle, ikholwa eNkosini uJesu.

¹⁵⁸ Kodwa akakukholwanga, yena uqobo, ngoba urabi wayekade emtshelile, “Akukho mprofethi. Asikaze sibe nomprofethi. Leso yisigejane sombhedo. Ungakholwa yinto enjengaleyo. Uyindoda ekahle ephucuzeke kakhulu; ibhizinisi

lakho lapha. Ngani, ungakwenzi neze lokho. Buka ukuma kwakho ebandleni.”

¹⁵⁹ Futhi ngakho wayetshele uRebeka, wathi, “O, kunombhedo. Ayikho into okuthiwa umprofethi.”

¹⁶⁰ Kodwa, niyazi, uRebeka wayekhulekile; kwaze kwathi inhliziyoy yakhe encane yayithi ukuklebhuka. Wayefuna ukuzibonela yena. Ngakho wayazi ukuthi Wayezoba semzini ngalolosuku. Ngakho niyazi ukuthi wenzeni na? Wayemncane ngokwakhiwa, ngakho wayengeke akwazi uku—ukuMbona uma Esedlule, ngenxa yesixuku. Ngakho wathi, “Ngizothola ukuthi ngabe Ungumprofethi noma qha. Uma ngiMbheka ebusweni, ngizokutshela uma Ebuweka ehlukile kunoma iyiphi enye indoda.” Ngakho wakhwela emthini, futhi wadonsela onke amacembe ngakuye, nezinto, futhi uhlala lapho. Wayesethi, “Manje, uyazi, uma Esedlula, ngizoMbona.”

¹⁶¹ Ngakho Eseza ngasekhoneni, ehamba *kanje*, ehamba ehla ngesitaladi, wafika ngqo ngaphansi kwesihlahla. Futhi Wama, wabheka phezulu, wathi, “Zakewu, yehla. Ngiya ekhaya kanye nawe.” O, ihora lakhe elimnyama kunawo onke. Wayengumprofethi noma Wayengesuye umprofethi na? Kulelohora elimnyama kunawo onke, uJesu uyafika. Wayazi ukuthi wayengubani. “Zakewu, yehla.”

¹⁶² UZakewu wathi, “Uma ngenze iphutha, ngizokukhokha. Ngizokwenza noma yini.” Wayekholisekile. UJesu wafika.

¹⁶³ Owesifazane onomopho wayekade ehambile. IBhayibheli lathi, “Wachitha imali yakhe yonke kodokotela. Akukho namunye wabo owayengamsiza.” Akukho kungabaza, odokotela bazama kanzima, kodwa behluleka. Abakwazanga ukumsiza. Wayekade enalomopho iminyaka ngeminyaka, mhlasiembe kusukela esendaweni yakhe. Futhi wayesengowesifazane omdala manje, futhi kulokhu kuqhubeka nje. Babengekwenze. O, wayene... Wayesekushisekeleni. Ngoba, akungabazeki, ngalokho kusa ngenkathi isikebhe esincane—ncane sifuqeleka emnyezaneni ezansi lapho, umuntu mumbé... Wayehlala phezulu egqumeni, ngaphezulu. Mhlasiembe umyeni wakhe wayesevele ewadayisile amahhashi, ne—neplazi kwase kubanjiswe ngalo, nayoyonke into, ezama ukuthola unkosikazi wakhe bandla ephulukisiwe. Futhi hhayi... Wayekade ezwile ngaYe. Wathi, “Ubani lowo osezansi lapho na?”

Bathi, “Lowo yilowomprofethi ovela eGalile.”

¹⁶⁴ Washo ngaphakathi enhliziyweni yakhe, akukho mBhalo ngakho, “NgiyaMkholwa. Futhi uma kuphela ngingathinta leyongubo yeNdoda elungileyo, ngizosindiswa.” Mmm! Uma engenza lokho ngale kwesithembiso soMbalu, bekufanele senzenjani ngesithembiso somBhalo na? Wafuzula.

¹⁶⁵ Kwakunomelusi, bonke, bemi lapho ukuba bamgxeke, behlekisa ngaYe futhi bezama ukuMkhipha ezweni.

Babengafuni abantu babo bonke bathikanyezwe ezinqondweni zabo. Babengabambisani emhlanganweni. Kwakungekho lutho ababengalwenza.

¹⁶⁶ Kodwa Ufika ngapha ukuba abe nomhlangano, nakanjani. Niyabo? Futhi ngakho Wayezoba nawo, nakanjani. Ngakho siyathola, kwakunababili noma abathathu lapho ababeyoMsiza, ngakho baMletha ngale komfula, nakanjani. Ngakho-ke siyathola, ukuthi e. . . lapho Eseqalile ehamba enyuka.

¹⁶⁷ Lona wesifazane omncane, wathi, “Awu, iNdoda ekanjalo pho, ebaluleke kakhulu, ngiyize kakhulu kuYona.”

¹⁶⁸ Nabaningi, abanye babo baqala bethi, “A, ngethule kuYe, ngoba ngi—ngifuna ukuthola ukuthi ngabe Ungumprofethi noma qha.” “A, ngakho, awu, ngethule, Simoni,” *usbani-bani*. Wonke umuntu, “Halo, Rabi! Ngani, bathi Ungumprofethi.”

¹⁶⁹ “Ya. Ya. Ngiyabonga, mnumzane. INkosi ikubusise.” Kuqhubeka, kuqhubeka kanjalo, lapho Eqhubekile nokuhamba.

¹⁷⁰ Into yokuqala, lona wesifazane omncane waqhubeka empintsha phakathi kwalawomadoda, futhi ezungeza, kwaze kwaba usethinte ingaphandle lengubo yaKhe manje. Inguyo yasePalatine iyantaza; inengubo yangaphakathi—phakathi, nayo, ukuvimbela uthuli olusuka ezithweni. Futhi Wayengeke akuzwe lokho ngokuphathekayo. Ngakho-ke, waMthinta. Yilokho impela afuna ukukwenza. Wabuyela emuva ngaphandle wase ehlala phansi.

¹⁷¹ Lelo kwakulihora lakhe elimnyama kunawo onke, yonke imali yayingasekho, yonke enye into, noJesu uyafika. UJesu waphenduka wase ethi, “Ubani oNgithintile na?” Wabuka phandle lapho, futhi nakho lapho ayekhona. Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

¹⁷² Owesifazane omncane emthonjeni engongenasimilo, wayengeke abamubi ukwedlula lokhu. Wayene. . . Usanda kuthatha indoda yakhe yesithupha, engongenasimilo kakhulu wayengeke abamubi ukwedlula lokhu. Ihora lakhe elimnyama kunakho konke, akungabazeki, enyuka lapho futhi ethi, “Umuntu olusizi njengami! Ngimusha, owesifazane omuhle, kodwa sengiqala ukuguga kancanyanyana nje. Sengifika emashumini amabili ami manje, ngakho owami. . . angeke ngiye. . .”

¹⁷³ Manje khumbulani nje, dadewethu, uma ususuka kulawomashumi amabili, uma ususuka emashumini amabili nambili ubudala, uyahlukela, akunandaba noma ucabanga ukuthi awehlukeki, noma qhabo. Uyehlukela. Yebo. Uyehluleka. Yonke indoda injalo, nayo. Wena, uma usufika cishe. . . uya. . .

¹⁷⁴ Yilokho engakubuza emhlanganweni waseKiwanis ngesinye isikhathi. Ngathi, “Ngitseleni ukuthi kukanjani, ukuthi, uma ngidla ukudla, kwenza amasosha omzimba futhi

ngiyakhula futhi ngibe namandla. Ngenkathi ngiseneminyaka eyishumi nesithupha, ngidla into efanayo engiyidla khona manje. Ngiba mkhulu futhi ngibe namandla ngasosonke isikhathi. Manje, selokhu ngadlula amashumi amabili nambili, akunandaba ukuthi ngidla kangakanani, ukuthi ngizinakekela kahle kangakanani, ngiya ngokuba buthaka futhi ngibemdala. Kungani kunjalo, uma ngivuselela impilo yami manje, bekungaba yilokho...? Ngasosonke isikhathi uma ngidla, ngivuselela impilo yami, ngoba ngifaka amasosha omzimba phakathi. Kungani engengakhe manje njengoba enza ngaleyonkathi na?" Ungeke wafakazisa lokho ngokwesayense, uma ubumele ukwenze.

¹⁷⁵ Isimiso uNkulunkulu asenza. Futhi uzohlangabezana naso, nawe. Khumbula kokho nje. Uza kukho. Thulula amanzi ejekeni, angene engilazini, igcwala uhhafu, bese kuthi-ke uthole ngokushesha futhi ayehla; ngitshele ukuthi ayaphi nokuthi kwenzakalani. Niyabo? Yingoba uNkulunkulu wenze isikhathi sokubonana.

¹⁷⁶ Nalona wesifazane omncane, wayazi ukuthi izinsuku zakhe zase zizophela phezulu ngaleyonkathi. Umsebenzi wakhe wawuyomosheka. Ngakho wayecabanga ngokuthi, "Ngizokwenzani na? Kodwa," wathi, "uyazi, bengihlala ngicabanga ukuthi suku lumbe kungahle kube khona uMesiya ofikayo." Wenyukela lapho, emthonjeni. Kuvamisile uma ucabanga ngaYe, ilapho Afika khona. Niyabo? Futhi ngakho wanyukela lapho; ubumnyama. Bonke abesifazane wayehambile. Futhi wayengenasimilo, wayengakhulumi nabo, noma lutho. Wayenamahhuka, futhi wehlisa isigwedlo. Futhi waqala...

Wezwa iNdoda ithi, "Hamba ulande indoda yakho futhi ubuye nayo."

Wathi, "Anginandoda."

¹⁷⁷ Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje akusiyo eyakho."

¹⁷⁸ Manje-ke washisekela. Wathi, "Mnunzane, ngiyazi ukuthi ungumprofethi Wena. Ngiyazi ukuthi uma uMesiya esefikile, yilokho Ayokwenza."

Wathi, "NginguYe."

¹⁷⁹ O, abafundi babephezulu olwandle, ngobunye usubuku, futhi wonke amathemba awasekho. Mhlawumbe uhlezi lapha, kulobubusuku, ngalendlela efanayo, wonke amathemba awasekho. Isikebhe sabo esincane sasigwele kakhulu amanzi nayo yonk'into. Futhi, uJesu, bamuka ngaphandle kwaKhe.

¹⁸⁰ Kwase kuthi-ke ngenkathi bedazuluka futhi bekhala, futhi bezibuza ukuthi yini eyayizokwenzeka, yini eyenzeka elandelayo na? BabeMbonile eza ehamba phezulu lolwandle.

Niyazi ukuthini? BabeMsaba. Kwakubukeka sasipoki, kubukeka njengento ethile njengokuthi ingahle ibe uhlobo oluthile lomoya wabafileyo noma okuthile. Niyabo? Nakhu kuza iNdoda ihamba phandle lapho, njengesithunzi phezu kwamanzi, futhi baqala ukudazuluka. Into kuphela eyayingabasiza, bese kuthi-ke babeYesaba.

¹⁸¹ Uma lokho kungesikhona impela nje ngendlela okuyiyo namhlanje, bayaKwesaba, bayaKwesaba.

¹⁸² Kodwa kwenzakalani na? Ehoreni nje lokwesaba kwabo, iPhimbo lafika, lathi, “Ningesabi. YiMina.” Khona-ke, uJesu wafika. O, he! UJesu wafika. “Ningesabi. YiMina.”

¹⁸³ Manje, uJesu unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngiyamangala, kulobubusuku... Ngizofanele ngeqe omunye wombhalo wami lapha. Kodwa ngiyamangala, kulobubusuku, uma thina, kulelihora... INkosi isifikile njengoba Yethembisa, futhi ibiza abantwana baYo abakholwayo ukuYiqonda eZwini laYo, ilenza Libonakaliswe. Ngiyamangala ukuthi uJesu usefikile kithina. Leli yi—leli yihora elimnyama ukwedlula konke ibandla elike lakubona.

¹⁸⁴ Manje, niyazi ukuthini? Lonke ibandla, masinyane, lizomele libe ngelalowo—lowoMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi ngenkathi nenza, niyolahlekelwa ilungelo lenu lobuvangeli uma nenza lokho. Futhi uma ungakwenzi, khona-ke ungeke nisaphinde nibe ihlelo. Isizathu, wonke amahlelo azofanele angene kuwo. Niyafunda ngakho, ngokufanayo nje njengoba nami ngifundile. Yihora elimnyama kunawo onke ibandla elincane elike laba nalo. Yonk’into iphumile kukho. Phentekoste, o, ziphaphamiseni!

¹⁸⁵ Futhi khona impela kulelihora elimnyama kunawo onke, khona-ke nakhu kufika uJesu, ukuqinisekisa ukuthi Unani. Ulapha, niyabo, ihora elimnyama kunawo onke.

¹⁸⁶ Ngezwa indatshana, kungithatha umzuzu ukuyixoxa. Owesifazane waye—wayebizwa, isifunda sezwe siza ukuzombona, ngoba wayeshaywe indlala. Wayenendodana, futhi yayiye eNdiya esikhathini esithile esedlule. Futhi yena, umngane okahle kakhulu, nomfana okahle. Futhi ngakho owesifazane waba kakhulu nje, enganakudla nayoyonke into, kwaze kwathi isifunda sezwe sadingeka ukuba size ukuphenya, ukumenzela ukudla kwesifunda sezwe. Futhi ngenkathi wayelapho, indoda yathi, “Awu, awunabo nayibaphi abathandiweyo ukuba bakusize na?”

Wathi, “O, ngingendodana.”

Yathi, “Yenzani na?”

Wathi, “O, ingu—ngu—ngunjiniyela kagesi eNdiya.”

“Awu, isebenzela bani na?”

Wathi, “Uhulumeni waseUnited States.”

“Kungani,” yathi, “ayikusizi na?”

Wathi, “Awu,” wathi, “a—ayingisizi. Kodwa . . .”

187 Yathi, “Awu, manje-ke kungani ungamceli esikhundleni sokubiza isifunda sezwe na?”

188 Wathi, “Ungumfana olunge kakhulu. Ungibhalela izincwadi iletha ezimnandi kakhulu.” Futhi wathi, “Uyazi, ngiyamthanda, ngakho angikwazi ukumtshela ukuthi ngi—ngisekudingeni kanjena.”

189 Bathi, “U—ukubhalela izincwadi, futhi uyezwa ngaye, nayo yonk’into na?”

“Yebo.”

“Futhi noma kunjalo akakusizi na?”

190 Wathi, “Qhabo.” Wathi, “Kodwa ungithumela ezinye izithombe ezinhle ukwedlula zonke kwengake ngazibona empilweni yami.” Futhi wathi . . .

Ngakho indoda yathi, “Ake ngibone ezinye zalezizithombe.”

191 Wathi, “Kulungile, mnumzane. Nginazo khona lapha eBhayibhelini.” Futhi wazivula, wase eqala ukuzikhipha. Niyazi ukuthi zaziyi na? Amaphepha okuthumela imali avela eNdiya, nezithombe. Onke ayenezithombe, niyabo, amaphepha okuthumela imali. Wayenezinkulungwane zamadola, kodwa akazanga nje ukuthi wayenamalini. Konke kwakufihlwe eBhayibhelini.

192 Ngiyamangala, kulobubusuku, ukuba uJesu ubengembule kithina okufihlwe kuleliBhayibheli, enzele thina. Sicebile emseni waKhe nomusa waKhe. Ngiyamangala uma Ubezoya futhi asibize. Asibuke eBhayibheli futhi sibone ukuthi sinani kuYe, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

193 Baba waseZulwini, makuthi umusa waKho . . . Ulapha, Baba. Ngani, nginokuzizwela nje ngalokho. Ngani, Wena wathi, “Uma kuhlange ababili noma abathathu eGameni laMi, ngiyoba phakathi kwabo.” Manje, ukuthi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha Lelo alisoze.” Sisize, kulobubusuku, manje, sisakhuleka lababantu abagulayo, okwemizuzu embalwa ezayo. Zazise, Nkosi. Jesu, woza futhi ubize abagulayo, (Uzokwenza na?) ukuthi bangazi ukuthi U—UnguNkulunkulu osezindaweni zonke. Ulapha, onguye izolo, namuhla, naphakade. NgeGama likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

194 Bangani, umzuzwana nje noma emibili kuze kube ngempela yisikhathi sokuphuma, kodwa asibize nje umugqa omcane womkhuleko. Ningathanda ukuba nawo na? Phakamisa isandla sakho, uma u—uma uthanda ukuhlala eminye elishumi, imizuzu elishumi nanhlanu. Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Nje—nje . . . Ngabe konke kuhamba kahle ngomgcini lapho, kulungile ngathi ukuba nalowo na? Ngiyabonga, kakhulu kakhulu.

¹⁹⁵ Manje, uphi uBilly na? Mangaki amakhadi owakhiphile na? A, B, C. Sikhophe maphi kuqala, o-A na? Ngabe sibabizile o-A, ubusuku bokuqala lapha na? [Omunye uthe, “Yebo.”—Umhl.] Asibize ko A futhi. Asibone, siqale kuphi, Billy na? Uyakhumbula na? Owokuqala, bekungesuye na? Yebo. [“Owokuqala.”] Owokuqala uye cishe. . . Asibize kusuka kweny’indawo enye. Asibone, sizobiza kusuka kuphi na? Ake sithi amashumi ayisikhombisa nanhlanu.

¹⁹⁶ Ubani onekhadi lomkhuleko u-A amashumi ayisikhombisa nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho. Ngakho lokho kuhle, kukahle. Sikutholile. Yehlela ngqo lapha, manje-ke, amashumi ayisikhombisa nanhlanu.

¹⁹⁷ Amashumi ayisikhombisa nesithupha, phakamisa isandla sakho. Amashumi ayisikhombisa nesithupha, ngokushesha impela. Kulungile. Ubani? Akakakwazi ukusukuma? Noma, qhabo, kusemuva le ngemuva. Uxolo. Amashumi ayisikhombisa nesithupha.

¹⁹⁸ Amashumi ayisikhombisa nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa nesikhombisa, ungasiphakamisa isandla sakho. Noma ngabe ubani onekhadi lomkhuleko. . . O, omunye lapha. Kulungile. Khona ngapha, mnumzane, amashumi ayisikhombisa nesikhombisa.

¹⁹⁹ Amashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili. Ngokushesha manje, phakamisa isandla sakho, amashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili. Amashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili.

²⁰⁰ Amashumi ayisikhombisa nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili nanye, nambili, nantathu, nane, nanhlanu. Lokho maku. . . Yimani phezulu lapho nje, ngokushesha impela. Yibani nje ne. . .

²⁰¹ Manje, abanye benu bengahlala benganyakazi impela nje, ngenhlonipho yokuzithoba na? Ningazulazuli manje. Makube yilabo, abasanda kubizwa.

²⁰² Amashumi ayisikhombisa nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalombili. Amashumi ayisishiyagalombili kuya emashumini ayisishiyagalombili nanhlanu. Kubukeka ngathi abakho. . . Mhlawumbe amanye awo amakhadi akhishwe ebusukwini obune noma obuhlalu obedlule. Bangahle ukube manje. . . Amashumi ayisishiyagalombili nanhlanu kuya emashumini ayisishiyagalolunye, wozani lapha, nyukani nisuka kulokho. Ko-A manje, u-A, ikhadi lomkhuleko u-A, kusukela emashumini ayisikhombisa nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili nanhlanu, amashumi ayisishiyagalolunye. Lokho kuzoba ngabantu abayishumi nanhlanu. Kunye, kubili, kuthathu, kune, isihlanu, isithupha, isikhombisa, isishiyagalombili, isishiyagalolunye,

ishumi . . . Nakho lapho bekhona. Kukahle. Lokho kuhle. Lokho kuzoba kahle, umzuzu nje manje.

²⁰³ Manje bangaki, abanye benu phandle lapho, aba . . . abakholwa ukuthi—ukuthi ungenza njengoba lowo wesifazane enza, ukuthinta umphetho wengubo yaKhe na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngi—ngi—ngi—ngiyakholwa. Ngikholwa ngempela ukuthi ngingathinta umphetho wengubo yaKhe.”

²⁰⁴ Manje iNkosi isifikile. Manje Izo . . . Isilungele ukukubiza, uma uzoYikholwa nje. Manje ungaYingabazi. Kholwa Yiyo. Yiba nokukholwa nje manje. Yiba nenhlonipho yokuzithoba ngempela manje. Kholwa ngayoyonke inhliziyoyakho manje ukuthi iNkosi isifikile futhi iyakubiza.

²⁰⁵ Manje, njengoba umugqa womkhuleko ulayina ezansi lapho, ngicabanga ukuthi abanye babazalwane bayasiza ukuthola umugqa womkhuleko ulayiniwe nge—ngendlela abangayo ezinombolweni zabo. Manje wonke umuntu uphethe ikhadi. U . . . Mangaki amanye amakhadi eliphakathi lapha na? Ake sibone izandla zenu. Abambeni. Sizobakhulekela bonke. Anginandaba ukuthi bangobani, si . . . Uma iNkosi ingivumela ngiphile, ngizokhulekela wonke umuntu ngaphambi kokuba ngihambe ngeSonto.

²⁰⁶ Manje khumbulani, kunesidlo sasekuseni sabafundisi ekuseni. Futhi ngabe nikumemezele, kukuphi na? Sekumenyezeliwe. Kulungile. Okungukuthi, uma ningakwazi, wozani nehle. Kuyoba . . . Ngicabanga ukuthi ngilindeleke ukuba ngikhulume, kusesekuseni ekuseni lapho na? [Omunye uthi, “Yebo, isidlo sasekuseni.”—Umhl.] Kulungile. Okeyi. Kukahle. Kulungile.

²⁰⁷ Ini, uthi, “Angizange ngikuzwe”? Ngibize cishe, ngicabanga, ishumi nanhlanu. Amashumi ayisikhombisa nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili nanhlanu, amashumi ayisishiyagalolunye, into ethile ekanjalo. Ukuthi . . . Lokho kuzolunga. Njengokuthi . . . Kulungile. Qala ubathumele phezulu. Uma ubuka, manje lokho yi . . . Niyabo?

²⁰⁸ Manje, wonke umuntu akabe nenhlonipho yokuzithoba ngempela. Manje, manje lalelani. Ngiyazi nizofanele niye emsebenzini ekuseni. Umsebenzi wenu ubalulekile. Ngiyakwazi lokho. Abantwana benu banilindele. Abagadi bezingane; uthe ubezohamba ligamenxe elesishiyagalolunye. Kodwa ake sime nje. Yini ebaluleke kakhulu, ukwazi noma ngabe leli iQiniso noma qhabo na? Yini ebaluleke kakhulu kunomphefumulo wakho na? Manje, uma leliBhayibheli likwethembisile lokhu, uNkulunkulu uyakwenza, leyo yinto esemqoka engingacabanga ngayo. Niyabo?

Yiba nesihlalo ngale, kanye nezinsimbi zomsindo, futhi yilokho obekwenza umsindo.

209 Manje bukani. Manje, khumbulani, makuthi wonke umuntu akhululeke ngempela manje. Ngiyethemba angikuchazanga ukukwenza ucabange ukuthi ngingolunye uhlobo lwenkolo ethile noma okuthile, ukuthi bengiyoba yilowoMuntu, iNkosi uJesu. Anikukholwa lokho, niyakukholwa na? Impela anikukholwa. Ngiyinceku yaKhe. Ngiyisoni esisindiswe ngomusa. Kodwa, kulokhu, ihora selifike lapho Aphe khona isiphiwo.

210 Ngibe nokuhlolwa maduzane nje, ngenkathi isigejane sodokotela bezokulapha bengifaka ngaphansi koluleko, ukungihlola, ukwenzela inhlolo ye-wave. Futhi niyazi ukuthi yini abayiphumela futhi bangitshela yona na?

211 Wathi, “Angikaze ngibone okunje empilweni yami.” Wathi, “Uyazi, u. . .” Bathi, “Umuntu, ukuthi uma imizwa yakho emihlanu o. . . umzimba olawulwa yiyo.” Wathi, “Manje, manje, owakho. . .” Wathi, “Lowo ngowakho wokuqala, unembeza. Uphila kuwo. Kodwa uma imizwa yakho emihlanu iba nge—ngengasebenzi, khona-ke unomuzwa omncane. Lokhu kuqhelelene kude nawe. Ufanele ufe kulemizwa noma okuthile lapha, njengoba uhamba uqhela lapha kumuzwa omncane futhi uyaphupha.” Wathi, “Kunengxenywe yakho eya ndawondawo. Futhi wena, uma uphaphama, ubuyele kulonembeza futhi, uyanyakaziswa ubuyela lapha, uyakukhumbula okuphuphile.”

212 Bangaki abake baba nephupho na? Impela, iminyaka eyadlula, nonke. Awu, kunengxenywe yakho ndawo ndawo, ngoba usakukhumbula engqondweni yakho. Ngabe kunjalo na? Kanjalo wawunjalo umuzwa wakho omncane.

213 Wathi, “Lokho ngokwejwayelekile. Kodwa,” wathi, “Mfu. Branham,” wathi, “amashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabantu esake sazihlola, asikaze sithole owuhlobo olunjengawe.”

Ngathi, “Ngabe ngiyahlanya na?”

214 Wathi, “Angicabangi ukuthi abantu bavela emhlabeni jikelele, ukuzokhuluma nendoda ehlanyayo.”

Futhi ngathi, “Awu, nginjalo na? Ngiyazi ukuthi nginokwethuka.”

215 Wathi, “Akungaphezu kwanoma yimuphi umfundisi noma udokotela, noma ubani osebenzisana nomphakathi.”

Ngathi, “Yini exake kangaka na?”

216 Wathi, “Uyazi ukuthini? Onembeza bakho ababili bahlezi khona ngqo ndawonye.” Wathi, “Ubungaphupha iphupho namehlo akho evuliwe.” Niyabo?

Wayengazi ukuthi wayeyini, kumayelana nani. Ngathi, “Ngabe kunjalo na?”

217 Wathi, “Ya. Ubungeke udingeke ukuba ulale ukuze uphuphe iphupho.”

218 Ngathi, “Dokotela, wake wafunda e . . . mayelana nombono na? Uyazi ukuthi umbono uyina na?”

Wathi, “Ngabe lelo igama laseBhayibhelini, Mnu. Branham na?”

Ngathi, “Yebo.”

219 Wathi, “Awu, angazi lutho mayelana neBhayibheli.” Wathi, “Bengingeke ngazi ukuthi ubukhuluma ngani.”

Ngathi, “Wake walifunda iBhayibheli na?”

Wathi, “Yebo.”

“Funda emuva eBhayibhelini ngabaprofethi abadala baseMandulo.”

“O,” wathi, “lokho! Ini? Babona ngaphambili izinto na?”

“Yebo.” Ngathi, “Lokho kwenzeka kimina, mnumzane.”

220 Wathi, “Ukuthi, ngiyabula u . . . Lokho kuyakuxazulula. Awu, yilokho-ke, niyabo.” Wathi, “Uyazi ukuthini? Ubufanele—ubufanele ungene futhi usivumele sihlole lokhu.” Wathi, “Lokhu kuyoba ucwaningo lwezesayense olukhulu.”

Ngathi, “Yima umzuzu, dokotela. Wake waba nephupho na?”

Wathi, “Yebo.”

221 Ngathi, “Khona-ke ngiphuphele iphupho. Ngitshele ukuthi kuzokwenzakalani kusasa. Ubungeke ukwenze uma bekufanele ukwenze. Niyabo? Noma ngabe ubani okuvumela ube nalelophupho uzomele akwenze.”

222 “Ngokunjalo ngeke ngikwazi ukubona umbono. Kuzofanele kube nguYena oletha imibono. Angiyiboni Aze angitshele. Angazi ukuthi ngithini aze Angitshele ukuba ngisho. Kodwa isiphiwo, niyabo, ukuthi ngazalwa nalokho. Into yokuqala engiyikhumbula njalo empilweni yami kwakungukubona umbono. Futhi akukaze nakanye kuke kube yiphutha.” Niyabo? Esakho—sakho . . . Yilesosizathu ubona abantu . . .

223 Sinokuningi ukuzifanisa nomunye. Lokhu kunjalo impela. Kodwa siyohlale sinalokho. Impela.

224 Ngifunda indaba kaMartin Luther, kumaLuthela enu. Umlando kaMartin Luther wathi, “Kwakungethusi kakhulu ukuthi uMartin Luther wayengabhikishela ibandla eliKatolika futhi aphunyuke kukho; kodwa wayengaphakamisa ikhanda lakhe phezu kwakho konke ukuhlanya okwalandela imvuselelo yakhe, futhi esalokhu emsulwa eMbhalweni.” Kunjalo. Ya.

225 Lokho akuhlanganisi lutho nabo. Ubophezelekile phambi kukaNkulunkulu . . . Ngokuba, niyabo, yisipho nje. Niyabo? Uziqathaza ngapha, bese kuthi-ke iNkosi iyakhuluma.

226 Manje, lapha. Lapha, ngabe lona ngowesifazane na? Manje, lapha, lokhu bekufanele kukufakazise, manje kuwowonke umuntu. Yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela, okwemizuzu embalwa nje. Mhlawumbe oqala ukufika ulapha. Manje nansi i—intombi, a—angikaze ngiyibone empilweni yami. Uyisihambi kimina. Angimazi.

227 Kodwa sihlangene lapha, njengo Johane oNgcwele 11... Bengilapho, kulobubusuku, niyabo, ngenkathi...UJohane oNgcwele 4, ngiqonde lokho, lapho uJesu ahlangani khona nowesifazane emthonjeni. Bengikhuluma ngaye. Mhlasimbe wayemncane kakhulu kunaYe. Futhi Wamtshele ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe. Futhi ngalokho, wathi, “Manje, Mnumzane, Wena, ngiyazi ukuthi Wena ungumprofethi.”

228 Manje, niyabo, umprofethi yilowo iZwi likaNkulunkulu eliza kuye. Isiprofetho sangalolosuku, iZwi okumele ligwaliseke ngalolosuku, liza kulowomuntu, futhi UyileloZwi eliphilayo lalolosuku.

229 Wathi, “Ngiyazi ukuthi Wena ungumprofethi. Manje silindele lowomprofethi.” Uma uzogijimela kuleyonkomba emuva, ikukhomba emuva ngqo ku—kulowomprofethi. Wathi, “Siyazi uma uMesiya esefikile, yilokho Ayokwenza. Uyositshela lezozinto.”

Wathi, “NginguYe, okhuluma kuwe.”

230 Futhi wahamba wayesethi, “Wozani, nibone iNdoda engitshela konke engikwenzile. Ngabe lona akusiye uMesiya na?” Futhi bonke abantu bakukholwa.

231 Manje, Wakwethembisa ukuthi, “Imisebenzi Ayenza, namakholwa ayoyenza.” Futhi manje, ngalolu izinsuku zokugcina, ukuqinisekisile ngokusondela Ukuza kwaKhe ngakukho, uma Ezembula Yena uqobo ngendlela efanayo njengoba Enza eSodoma.

232 Beniwlalele uMlayezo kuleliviki na? Niyakukholwa lokho ukuthi yiQiniso na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje, thina siyizihambi komunye nomunye, kunjalo, siyizo na? [“Yebo.”] Ukuze nje abantu babone, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu babone.

233 Angikaze ngimbone owesifazane, empilweni yami. Angazi lutho kakhulu ngaye kunalutho. Niyabo? Ungowesifazane omncane nje, omncane kakhulu kunami. Wazalwa iminyaka eyehlukene, amamayela ehlukeneyo, futhi sihlangani lapha, okokuqala. Nakhu lapha esimi khona sobabili lapha, abantu bezungezile yonk’indawo, izibani, yonke enye into. Simi lapha eBukhoni bukaNkulunkulu. Futhi ngikhuluma kuwe, ukuthola, kuqala, uma lolocobo luyofika phezu kwami. Futhi uma kwenza, khona-ke ngizokwazi ukukwenza. Ngale kwaLokho, angikwazi ukukwenza. Manje, into kuphela engiyenzayo ngukukhuleka nje futhi ngibeke izandla kuwe,

njengoba bekungenza umelusi wakho, noma bekungaba ubani, futhi kuqhubeke. Niyabo? Yisiphiwo. Ngazithola, ngokwazi kwami, ngikhululekile kuKho. Kodwa, manje-ke, angikwazi ukukwenza Kufike. Usefikile. Kumele kufike, Khona uqobo.

²³⁴ Manje yibani nenhlonipho yokuzithoba. Kulapha. Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, ukwenzela udumo lukaNkulunkulu. Manje hlalani ngokuthula. Uma noma yini yenzeka, ngizokwazi ukukulawula, uma nje ningagxumi futhi niqale niqhubeke. Hlalani nithule. Isithuthwane nezinto ngesinye isikhathi kungena emhlanganweni futhi zishwibeka ngaphandle idazini lazo, kanjalo. Bangaki ababone okufana nalokho kwenzeka emhlanganweni wami na? Impela. Niyabo? Impela. Kodwa hlalani nithule nje. Ngibophezelekile kulokho. Kodwa uma nizidla, anginasibopho, ngoba isijeziso.

²³⁵ Manje, anginawo omunye umqondo ukuthi owesifazane uzele ini. Manje, uyazi ngakho manje, ngalesisikhathi, ukuthi okuthile kuyenzeka. Niyabo? Ngoba, khona ngqo phakathi kwakhe nami, uqala ukufiphala. Yilokho kuKhanya kungena.

²³⁶ Manje, owesifazane ngokwempela, into yakhe enkulu ayizele lapha, umele omunye umuntu. Unomunye umuntu a—amkhulekelayo. Futhi lowo u—u—u—umuntu ome kabi ngempela, osekwehlulekeni kwemizwa. Ngudade. Kunjalo. Kunjalo, phakamisa izandla zakho. Onokwehluleka kwemizwa. Manje buka.

²³⁷ Ngakho abantu bathi, “Ngicabanga ukuthi ukuqagelile lokho.” Qhabo, qhabo. Niyabo? Angikaze ngikuqagele.

²³⁸ Manje bhekisisani. Ungumuntu kahle ngempela, umoya omuhle. Manje umzuzwana nje. Manje ngibuke. Futhi yilokho uPetru noJohane abakusho, esangweni, “Manje ngibuke.” Niyabo? Kubukeka ngathi kukhona okuthile enhliziyweni yakho. Yebo. Ukhathazekile, wena uqobo, nolunye uhlobo amalumbo okudiyazela, njengokutholayo. Unalokho. Kunjalo.

²³⁹ Unenye into ethize enhliziyweni yakho, ofuna ukwazi ngayo, futhi lokho kungalowomfo. Usesibhedlela lapha. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ufuna ngikutshela ukuthi uze kanjani ukuba lapho na? Ubesengozini yemoto. Kunjalo. Hhe! Uyakholwa ukuthi umukela okucelile na? Khona-ke hamba emgwaqeni wakho. Konke sekwedlule, manje-ke. Uyabo?

“Uma ungakholwa, konke kuyenzeka.”

²⁴⁰ Unjani, nenekazi na? Manje, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, onguye izolo, namuhla, naphakade na? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Uma Engembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uyakholwa ukuthi Ubengakwenza lokho na? [“Impela ngiyakholwa.”] Kulungile. Manje kwangathi Angakupha.

241 Into eyodwa ekuhluphayo, yebo, e-hhe, kuqala, ube nokuhlinzwa. Futhi ube nokususwa kwebele, lashumpulwa. Bese-ke, ulimaze ibele lakho, elinye ibele lakho, futhi yileyo inkathazo yakho. Awusuye owalapha. [Udade uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Uvela ngasemfuleni wenye... Uvela eLouisville, eKentucky. [“Futhi ngisondelene nawe.”] Futhi igama lakho uNkk. Lumpkins. UNkulunkulu akubusise. Lokho, lokho kunjalo. Ubusetabernakele. Angikubonanga. Kodwa lokho kunjalo impela. Hamba emgwaqeni wakho, ukholwa manje. UNkulunkulu akubusise. Lokho kukahle. Kulungile.

242 Wozani manje. Uyakholwa ngayoyonke inhliziyi yakho, mnumzane na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Umfowethu uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi—ukuthi wena, uma uza, uza njengoba uSimoni Petru enza ngalesosikhathi na? Niyabo? Awuzi kimina. Uza kuYe. Futhi ngingomele Yena nje. Uyabo? Yena... Ngi... Singa—nga—ngamagatsha; UnguMvini. Manje, uma iNkosi uJesu... Thina siyizihambi ngokuphelele komunye nomunye, ngicabanga ukuthi siyizo. Futhi uma—futhi uma siba yizihambi ngokuphelele, neNkosi uJesu engembula kimi into ethile leyo njengoba Enza kuSimoni Petru, abanye babo bonke, uma befika, ngabe kuzokwenza ukholwe, ngayoyonke inhliziyi yakho na? Ubungakukholwa na? [“Yebo.”] Manje, kulungile, mnumzane. Manje ngibuke umzuzwana nje.

243 Manje, inkathazo yakho, ngiyakubona. Into ethile mayelana nesisu. Kuse... Ithumba esiswini sakho. [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Kunjalo, ithumba esiswini. Awusho, empeleni, ungumfundisi, futhi. [“Yebo.”] Yebo, mnumzane. Uyakholwa uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi na? [“Ngiyakholwa, ngayoyonke inhliziyi yami.”] Yonke, ngayoyonke inhliziyi yakho. Kulungile. Mfu. Brown, qhubeka, sinda, Jesu Kristu... .

244 Kholwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphilisa isifo sakho samathambo futhi akusindise na? Hamba, ukukholwa-ke. Uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

245 Woza, nenekazi. Uhlushwa inkathazo yokwethuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa kulokho na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Hamba nje, uthi, “Mayidunyiswe iNkosi!” Uyabo, isonjwana liphenduka lehla le *lapha*. Lalivamise ukuthi libheke phezulu *lapha*. Wawuvamise ukuba umuntu omncane ojabulile ngenkathi usemusha, ugcwele intokozo nokujabulisayo. Futhi khona manjalo, okuthile kwenzeka. Manje ukunyukela lapho nje, futhi ukholwe yilokho futhi. Nje qala, ujabula, uthokoza, uJesu Kristu uzokuletha kukho. UNkulunkulu akubusise. Hamba, ukukholwa manje, ngayoyonke inhliziyi yakho. Kulungile.

246 Uyakholwa na? Ukhubazekile, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa futhi akusindise na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile. Hamba nje, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu,” nangayoyonke inhliziyoyakho.

247 Uyakholwa uNkulunkulu angaphilisa lesosifuba somoya futhi akusindise, ndodana na? Hamba emgwaqeni wakho, uthokoza, ungophile saka futhi ujabule. Futhi, ubuthakathaka, indlala engasesinyeni, nesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasindisa lokho, akuphilise na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uma ukukholwa ngayoyonke inhliziyoyakho, hamba emgwaqeni wakho, uthokoza, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

248 Umzuzwana nje manje. Umzuzwana owodwa nje. Into ethile yenzekile. Umuntu owehlukile kulokhu. Kholwa nje manje, yonke inhliziyoyakho.

249 Yilelinenekazi elihlezi khona *lapha*, lihlushwa inkathazo yomhlane. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa, ngayoyonke inhliziyoyakho na? Kulungile. Ungaba nakho okucelayo, khona-ke. Uyabo? INkosi uJesu uyakuphilisa futhi uyakusindisa.

250 “Uma ungakukholwa, konke kuyenzeka kulabo abakhohwayo.” Niyakhohwayo yilokho ngayoyonke inhliziyoyenu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ucabangani ngakho, uhlezi lapho, uhlushwa yileloqhubu eliyisibhono na? Uyakhohwayo ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa kuleloqhubu eliyisibhono futhi akusindise na? Yebo. Uyakhohwayo ukuthi Uzokwenza na? Kulungile. Ungabanakho okucelayo. INkosi ikubusise.

251 Niyabo, Uphandle lapho ngokufanayo nje njengoba Elapha. Lokho bekufanele nje kusihlakaze sibe izicucu, bekungafanele na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzophilisa lesosifo sikashukela futhi akusindise, futhi uye ekhaya, isimo segazi sizo. . . Iya eKalvari, ukuba uthekeliswe ngegazi, konke kophela. Hamba, ukukholwe ngayoyonke inhliziyoyakho. Ungangabazi. Kholwa nje, ngayoyonke inhliziyoyakho, ukuthi UNkulunkulu uzokusindisa.

252 Woza lapha. Unesifo esiyingozi kakhulu esikhona emhlabeni. Leyo inkathazo yenhliziyoyakho. Kodwa uJesu uhlala phakathi enhlizweni. Uyakhohwayo ukuthi Uzokuphilisa kuleyinhliziyoyakho na? Kulungile. Qhubeka endleleni yakho, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi uJesu,” futhi akusindise.

253 Hamba, udle ukudla kwakho kwakusihlwa. UJesu Kristu ukuphilisile kuleyonthazo yesisu, uyakusindisa. Kulungile.

254 Uyakhohwayo na? Uyakhohwayo, uma ngingasho izwi, nje ngibeka izandla kuwe, uzosinda, nakanjani na? INkosi ikubusise. Kholwa ngenhliziyoyakho yonke nje.

255 Uyakholwa, uma ngibeka izandla kuwe, uzosinda, nawe na? Woza. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa.

256 Woza. Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Kodwa, lapho, uma ngingakutsheli ngisho, uyakholwa ukuthi ngeke udingeke ukuba ube nalelothumba likhishwe, futhi lizoba kahle kusukela manje na? [Udade uthi, “Angizikudingeka likhishwe.”—Umhl.] Kulungile. Kulungile. Qhubekela phambili khona-ke, ukholwe uNkulunkulu, uzosinda futhi ube kahle. [“Ucabanga ukuthi okuthile akulungile ngami na?”] Uma—uma ukholwa nje ukuthi, Uzolikhapha. Awuzukudingeka ngisho ukuba ubenakho, uma ukholwa nje ngayoyonke inhliziyi yakho. [“Angisoze ngaba nalo likhishiwe.”] Mayidunyiswe iNkosi.

257 Manje uyakholwa uNkulunkulu uphilisa umdlavuzi, futhi enze abantu, onomdlavuzi, aphile na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Kulungile, mnumzane. Qhubeka emgwaqeni wakho, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi, ngizosinda.” Futhi uzoba kahle.

Manje uJesu ufikile futhi wakubiza. Uyakhukholwa lokho na?

258 Uyakhukholwa, uhlezi lapho, nenekazi, othi ukuba nomzimba omkhulu nobanzi, naleyonkathazo yesifo samankanka na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kulungile. Uyabo? Ubuka lapha nje, ugqolozela nje, futhi ukholwa. Futhi lokho. . .

259 Inenekazi elihlezi lapha, elinqekuzise ikhanda lalo, eduzane kwakho ngqo. Akazanga ukuthi acabange ngani. Uma uzokholwa, isifo sakho samathambo sizohamba, nawe. Kulungile.

Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na?

260 Lendoda endadlana ihlezi ngapha, evela eOkeechobee, ngale kuleyondlela, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzophilisa amehlo akho eliphuphuthekayo na? Ungabanakho okucelayo, uma uzokucela.

261 INkosi isifikile futhi iyakubiza. UyaMkhholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke phakamani nime ngezinyawo futhi niMamukele, futhi nithi, “NgiyaKukholwa, Nkosi uJesu, khona manje. Ngiphakamisa izandla zami, futhi ngiyakholwa ukuthi manje Uyangiphilisa.”

Nkosi uJesu, lezizethameli ngezaKho. Sileyithi, Nkosi.

Kodwa mus'ukungidlula, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kwami okuthobile;
Lapho Ubabiza abanye,
Mus'ukungidlula.

Wena Mthombo wayoyonke induduzo yami,
Ungaphezu kokuphila kimi;
Ngingubani emhlabeni ngaphandle kwaKho
na?

Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

Impumputhe uFanny Crosby yenza leyonkulumo-mbiko.

262 Nkosi uJesu, ungadluli namunye wabo, kodwa nika
ngamunye wabo ukuphiliswa kwabo, kulobubusuku.
Ngibanikela Kuwe, eGameni likaJesu Kristu.

263 Phakamisani izandla zenu manje futhi nicule izindumiso.
Ngizobakhulekela. Kulungile. Wonke omunye umuntu,
niyaMkholwa na?

264 Manje, Mnu. mnumzane ogani, *Ng'zoMdumisa.*
Ng'zoMdumisa. Siphe indlela. Kulungile.

Wonk'umuntu, nezandla zenu ziphakeme manje.

Ng'zoMdumisa, ng'zoMdumisa,
Malidunyiswe iWundlu ngokuhlatshelwa
izoni;
Mnikeni uDumo, nonke nina bantu,
Ngokuba igazi laKhe lihlanze ibala ngalinye.

265 Manje xhawulana nomuny'umuntu ongakuwe, uthi,
“UNkulunkulu akubusise, mngani. Ngi—ngiyajabula ukwazi
ukuthi wemukele uJesu njengomphulukisi wakho.” Manje, lokho
kuhle. Kunjalo. Xhawula futhi uthi, “Ayibongwe iNkosi.”

266 Manje asiphakamisele izandla zethu kuYe, futhi siphinde
sicule futhi ngakho konke okwezinhliziyi; amakhanda ethu
ekhotheme, amehlo ethu evaliwe, ngazonke izinhliziyi zethu
manje.

Ng'zoMdumisa, ng'zoMdumisa,
Malidunyiswe iWundlu ngokuhlatshelwa
izoni;
Mnikeni uDumo, nonke nina bantu,
Ngokuba igazi laKhe lihlanze ngalinye. . .

267 Ngabe Uyakhonjwa phakathi kwenu ngokwenele ukuthi
ungaMemukela na? Uyakholwa ukuthi Ulapha na? Uyakholwa
ukuthi lowo nguYe na? Bangani, ukuba bengingehla lapho
kulezozethameli futhi ngiphilise noma yimuphi wenu bantu,
ngempela bengizokwenza. Bengizokwenza ngokujabula.
Ngayoyonke inhliziyi yami, bengizokwenza. Kodwa a—angeke
ngikwenze lokho. A—anginayo nayiyiphi—nayiyiphi indlela
yokukwenza. Kodwa into kuphela enginayo, yilesisiphiwo
esincane ebenginikhombisa sona, futhi lokho kukhomba
isithembiso somBhalo ukuthi uJesu Kristu ukhona lapha kanye
nathi, egcina isithembiso saKhe. O, lokho bekufanele kuvuthise
izinhliziyi zethu ngomlilo. He, cabangani ngoJesu nje, leloGama
elimangalisayo!

²⁶⁸ Ngenkathi, ngenkathi leloGama laqala ukukhulunywa, ngenkathi uMariya enyukela eJudiya. NoElizabethhe wayekade ekhulelwe, noJohane omncane enezinyanga eziyisithupha ubudala, esibeletweni sikamama wakhe, futhi engakanyakazi nokho. Manje, noma ubani uyazi, cishe izinyanga ezintathu, noma ezine, ikakhulu, ingane iyanyakaza. NoElizabethhe wayexakile, u. . . Yayingakanyakazi. Wayekade ezifihlile. Futhi ngenkathi esebone uMariya eza, ubuso bakhe obuncane bonke bakhanya, bukhanyiswa inkazimulo kaNkulunkulu. Futhi wathi, “Uyazi. . .” Futhi wayebonile ukuthi wayezoba ngumama, futhi wathi, “Ngicabanga ukuthi wena noJosefa nishadile?”

“Qhabo. Asishadile.”

“Awu, a, futhi uzoba nengane na?”

²⁶⁹ “Yebo. UMoya oNgcwele ungisibekele, futhi Ushilo ukuthi leyoNto eyozalwa kimi iyobizwa nge ‘Ndodana kaNkulunkulu.’ Futhi ngizobiza iGama laKhe ngo ‘Jesu.’”

²⁷⁰ Futhi nje masinya ethe, “Jesu,” okokuqala ukuthi iGama likaJesu Kristu lake lakhulunywa ngodebe lomuntu, ingane encane efile esizalweni sikamama wayo yamukela uMoya oNgcwele futhi yaqala ukugxuma ngenxa yentokozo, esizalweni sikamama.

²⁷¹ Belifanele lenzeni iGama likaJesu eBandleni elizalwe ngokusha na? Angikutholi. Udumo kuNkulunkulu! UnguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, umnikezeli wokuPhila. Amen. AsiMdumise. Phakamisani izandla zenu. Futhi ngiyoMdumisa. Haleluya!



WAYESEFIKA-KE UJESU FUTHI WABIZA ZUL64-0417
(Then Jesus Came And Called)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngo Apreli 17, ngo 1964, eMcKay Auditorium eTampa, eFlorida, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org